


UKWANELISEKA

BESE UYASHISEKELA

 Ngiyabonga kakhulu, mfowethu.

Ningahlala phansi. Impela lokhu ngikuthatha njengenhlanhla enkulu, yokuba lapha kulobubusuku noMfowethu Groomer, nasebandleni lakhe, futhi ngibingelele umhlambi ogogobele lapha eTempe, e-Arizona. Ngiyakukholwa lokhu. . .

² Ingabe leli yidolobha labantu baseMormon abalaxha lapha, yilo na? [Abazalwane bathi, “Qhabo. IMesa.”—Umhl.] IMesa. Ngiyazi ukuthi ingelinye lalamadolobha amancane. Eminyakeni eminingi edlule, ngenkathi ngisengumfana nje, ekubusisweni kweTempeli laseMormon. Angizange ngikhumbule ukuthi kwakuyiTempe noma. . .IMesa ilapho abasho khona abazalwane.

³ Futhi ngihlala ngileyithi, angifiki neze ngesikhathi. Uyazi, bangitshela ukuthi ngangidlule kancane nje esikhathini esijwayelekile, ngiza kulo mhlaba. Ngalandisa umkami isikhathi eside, lapho ngenkathi sishada. Uma nje ngingabaleyithi emngwabeni wami manje; lokho, yilokho okulandelayo. Yileso sikhathi engifuna ukuba leyithi ngaso, leyithi ngempela. Kodwa abantu bebelungile ukungilinda.

⁴ Ngangena esiphephweni seqhwa futhi ngabambeka izinsuku ezithi azibe mbili, ngaphambi kokuba ngifike lapha, futhi ngileyithi ngezinsuku ezimbili emhlanganweni lapha noMfowethu Groomer. Bengifanele ngabe ngibe lapha ngoLwesibili olwedlule ebusuku. Kodwa senze amalungiselelo ukuze sibambeke, futhi, noma noma kunjalo bakulungisile. Ngingahle ngibe nephutha kulokhu. Kodwa bakulungisile, ngakho-ke ngizobamba, noma kanjani.

⁵ Izolo ebusuku sibe nomhlangano omuhle kakhulu, ngale kwe—elinye ibandla, phandle e. . .UMfowethu Hatton, ngiyakholwa, ya, uMfowethu Hatton, umnumzane ohloniphekile ongumKristu okahle kakhulu. Ngihlangane naye izolo, futhi ngahlala naye esifundweni isikhashana, futhi sibe nesikhathi senhlanganyelo, safanela sikhulekele omunye nomunye. Sibe nenkonzo enhle kakhulu, izolo ebusuku, kodwa sihlale isikhathi esidanyana, sagcina abantu bengalele kwaze kwaba leyithi. Lokho kuthi ukuba umkhuba wami. Kodwa kulobubusuku angizukukwenza lokho. Qhabo. A—angihlosile ukushumayela isikhathi esingaphezu kwamahora amane. A—angilokothi nje

ngikulindele. Ngakho-ke, niyabo, lokho ngokuvamile kuthi akube yikho, etabernakele noma ndawondawo.

⁶ Ngibona abanye babangane bami abavela phezulu ngaseJeffersonville, noma basivakashele. Sinabantu abahlezi phandle lapha phambi kwethu, kulobubusuku, ngiyaqaphela, abashayela yonke indlela besuka eMacon, eGeorgia, njalo ngeSonto. Ukuba ne...Lokho cishe kungamakhulu ayisikhombisa, ishumi nane...Lokho cishe amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, uhambo nokuya nokubuya, ukuza esontweni ngeSonto. Futhi abakwenzi lokho kanye nje. Nsuku zonke onyakeni esiba nenkonzo phezulu etabernakele, bashayela besuka ezansi le eMacon, eGeorgia.

⁷ Ngibona uMfowethu noDadewethu uDauch lapha abavela e-Ohio. UMfowethu Dauch useshayekile impela ngeminyaka, kodwa yena nomkakhe nje ndawonye, neNkosi ibe yinhle kubo. Futhi ba—bashayela njalo ngeSonto, lezi zithandani esezikhulile, besuka le phezulu e-Ohio, behla besuka, emigwaqweni eneqhwa. Futhi yena, owesifazane, washayela yonke indlela esuka e-Ohio, lapha, ukuba abe semhlanganweni.

⁸ Futhi nampa abantu, abavela eMacon nasezindaweni ezehlukene, obuthene lapha eze enkonzweni. Siyajabula ukuba nabangane abanjalo. Sijabule kakhulu ukwabelana ngezinhlanhla zethu ndawonye, ukuhlangayela kwethu ndawonye, ngoba ngempela sivuma ukuthi singabahambi nezihambi. Akulona ikhaya lethu leli.

⁹ Ngiyakholwa, ngiyaqalaza nje bese ngibona umfowethu ovela yonke indlela e-Iowa, ezansi lapha, uma lokho kunjalo. Akunjalo, mfowethu na? Ngapha, usibali kaMfowethu Norman ovela e-Iowa na?

¹⁰ Sifana no-Abrahama. Siyi...shiya umhlaba. Futhi sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Siyakholwa ukuthi, ngolunye usuku, ngolunye usuku olukhazimulayo, siyakuwubona lowoMuzi. Isifiso senhliziyo yami yonke wukubona lowoMuzi okhazimulayo.

¹¹ Manje, sithembele kuNkulunkulu, ukuthi asibusise kulobubusuku, nokusinika uBukhona baKhe.

¹² Futhi bengikusho nje lokho ngoshintsho oluncane nje, isimo sendawo, ngokumamatheka okuncane, lapho ngithi, “Ukushumayela amahora amane.” Manje, nginecala lokwenza lokho, niyabo, futhi abantu banecala lokuhlala nokulalela isikhathi eside kangako. Kodwa lokho ku—lokho kuthi ukuba lukhuni, ukubajezisa kanjalo.

¹³ Lena yindlu yokukhonzela encane eyakhiwe kahle. Ngingacishe nje ngibone wonke umuntu. Kungaba yisikhathi esikahle, indawo lapha, yenkonzo yokuphulukisa yangempela, uma singaba nayo ngesinye isikhathi, ukuba nayo.

¹⁴ Ngiyaqaphela, emuva le ngemuva, ngibona uDadewethu Evans emuva lapho. Angimboni uMfowethu Evans. Futhi bavela ezansi eMacon, eGeorgia, ezansi le ezweni elifudumele. Bakhuluma nathi ngolunye usuku, futhi bathi babeziphindiselela kuthina maYankee phezulu lapho. Babenamayintshi ayisishiyagalolunye eqhwa. Ngakho-ke, bona, into ethize abangaqhosha ngayo, benalo lonke lelo qhwa. Ingabe ube nohambo oluhle ngaphesheya na? Lokho, awu, lokho kukahle kakhulu, Mfowethu Evans.

¹⁵ Ubufakazi obuncane nje ngoMfowethu Evans emuva lapho, engingathanda ukukwenza, uma kulungile kuwe, Mfowethu Evans. Uma kunjalo. . .

¹⁶ Ukuthi ngajwayelana kanjani noMfowethu Evans, wayese—eMet, enhla ePhiladelphia. UMfowethu Theo Jones, abaningi benu bezwile ngaye, ungumfowethu weFull Gospel, umshumayeli okahle kakhulu. Futhi sahlangani, futhi wangibuza ukuthi ngingeza yini eMet kanye naye ubusuku obuthi abube bubili benkonzo, nalokho ngavuma ukukwenza lapho sasivela ndawana thize. NoMfowethu Leo Mercier noMfowethu Gene Goad babejwayelene noMfowethu Evans ngandlela thize, futhi bathi, “Kukhona indoda efuna ukuhlangani nawe kwenye yezingxoxiswano zangasese,” wathi, “evela ezansi eGeorgia.”

Futhi ngathi, “Kulungile.” Futhi umkami nomfanyana. . .

¹⁷ UJoseph omncane, njengoba abaningi benu bekhumbula, iNkosi ingikhombisa, eminyakeni eyisithupha ngaphambi kokuba azalwe. Udokotela wathi, “Kwakungenakwenzeka. Wayengeke abe khona.” Kodwa iNkosi yathi kwakuzokwenzeka, ngakho-ke uJoseph wafika khona ngqo, ngesikhathi esifanele. Futhi kanjalo nathi. . .Wayecishe abe neminyaka emibili ubudala ngaleso sikhathi, noma emithathu.

¹⁸ Ngikhumbula ukusa ngenkathi sivuka ehhotela. UJoseph wabheka kimi ngenkathi ngangigqoka ukuba ngiye esidlweni sasekuseni noMfowethu Evans. Ngangingakaze ngihlangane naye ngaleso sikhathi. Futhi ngathi kumkami, “Meda, uyazi, s’thandwa, ukuthi, le ndoda esizohlangana nayo. . .” Ngamchaza. Ngathi. . .Yona nomkayo. “Futhi ngabona umbono ngayo kulokhu ukusa. Ithanda ukudoba, kodwa ungumhlukumezi.” Futhi ngathi, “Ngi—ngi—ngiyibona yenza into ethile ebingafanele iyenze.” Ngathi, “Angazi noma ngiyitshela noma qhabo.”

“Awu,” wathi, “kungcono ube lula.”

Futhi ngathi, “Ngizobalula.”

¹⁹ Futhi ngakho-ke uJoseph omncane wavuka embhedeni. Wathi, “Babayi, uyazi ukuthi uDavid uzophahlazeka esithuthuthu sakhe na?”

Futhi ngathi, “Kuyini lokho, ndodana na?” Umama wakhe wakubamba.

Wathi, “UDavid.”

²⁰ UDavid Wood wakhe eduze kwami. WayenguFakazi kaJehova, futhi umlenze wakhe wawu—wawukhubazekile ngovendle, futhi wahosha waphakamisa umlenze wakhe ngaphansi kwakhe. Futhi komunye wemihlangano, uyise nonina babe naye lapho. NeNkosi uJesu yembula konke ngaye, lokho ayeyikho, futhi yamtshele ukuthi ame ngezinyawo zakhe. Waphiliswa, futhi lapho umlenze wakhe waqonda ngqo, ngokweywayelekile. Futhi uyise ungusonkontileka. Wanikela inhliziyo yakhe eNkosini uJesu ngaleso sikhathi, futhi wathuthela eduze kwami, futhi ubehlala lapho iminyaka eminingana yokugcina. Futhi umfana, ngaphandle uma engacabanga, akazi nokuthi kwakuwumuphi umlenze o—owalimala.

²¹ Kunabantu abahlezi lapha, kulobubusuku, abamaziyo umfana. Bangaki kini lapha abamaziyo uDavid Wood na? Kunabaningi benu, impela, o—o—owabona umfana.

²² Futhi uJosefa wathi, “Ngangisanda kumbona uDavid elimala egibele isithuthuthu, ezansi ngomzila eduze kwendlu yesikole.”

²³ Awu, ngacabanga. Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, wayengitshela ukuthi wayelinde udadewabo omncane ukuba abuye ekhaya. Wayehamba ngebhayisikili lakhe lezingane elinamasondo amathathu. Wathi, “Babayi, ngibonile...” Wathi, “Ngabe ikhona iNdoda phezulu *lapho*, ene—isandla esikhulu *kangako* na?”

Futhi ngathi, “Angazi. Kungani na?”

²⁴ Wathi, “Ngibheke phezulu.” Futhi wathi, “Ngangiphuma ngibheke ngasemgwaqeni, ngebhayisikili lami lezingane elinamasondo amathathu.” Futhi wathi, “Ngibone isandla esikhulu kakhulu, esasibukeka njengesandla sikaJesu, sasingibambe ukuba ngingaphumeli emgwaqeni.”

²⁵ Awu, asikaze sicabange kakhulu ngakho. Kodwa lapho esitshela lesi siprofetho, ukuthi uDavid wayezolimala ngesithuthuthu, lokho kwathi ukuba yinqaba kimi. Futhi niyazi, sasisekhaya izinsuku ezintathu... Futhi wangitshela ukuthi kwakuzoba yimuphi umlenze, “Uhlangothi lwesandla sokudla. Yayizoklebhula izingubo zakhe, ilimaze isandla sakhe sokudla.”

Sathi, “Uphuphe lokho izolo ebusuku, Joseph.”

²⁶ “Qhabo, qhabo.” Akazange aphuphe. Washo. “Ngi—ngibone uDa—da khona manje enakho.” Niyabo? Awu, ngangicabanga ukuthi wayeqhubeka nje.

²⁷ Izinsuku ezintathu ngemva kokuba sesifikile ekhaya, uDavid wagibela isithuthuthu. Kwafika umfana ovela eLouisville

ngesithuthuthu. Wehla ngomgwaqo, khona kanye endaweni efanayo wawa esithuthuthwini, futhi wahlubula isikhumba umlenze wakhe wonke nya, ohlangothini lwesokudla.

²⁸ Futhi lolo nje u—usuku engahlangana ngalo noMfowethu Evans. Ngakho-ke emva kokukhuluma naye, futhi ngabona ukuthi wayengumfowethu olungile waseNingizimu, ngathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize.” Ngathi, “Uyahamba ukuyodoba ezansi echibini elinezihlahla ezansi ndawana thize. Kubukeke njengeFlorida, kimi.”

Wathi, “Ngiyavuma.”

²⁹ Ngathi, “Muva nje ube nesaka eligwele izinhlanzi. Ubungafanele ube neziningi kangako.” Ngathi...Futhi wathi...Njengokuthi, ubuso bakhe bababomvu; wayethisa ikhanda lakhe. Futhi ngathi, “Ubuphuma, wena nomfana wakho, futhi wazifihla lezozinhlanzi izikhathi ezintathu, ngoba umbonile umqaphi wezinyamazane phandle ekugcineni. Ubucabanga ukuthi bekunjalo.”

³⁰ Wathi, “Yebo, mnumzane. Kunjalo.” Ubuso bakhe, bubomvu ngempela, yena nomkakhe.

Ngathi, “Kukhona nje . . .”

Wathi, “Ngi—ngi—ngiyaxolisa. Ngi—bengingafanele ngikwenze lokho.”

Ngathi, “Kodwa ngingathanda ngempela ukuyodoba ezansi lapho.”

Awu, wangithatha. Ngehla.

³¹ Futhi e, emuva le, kukhona izinyoka ezimbi kakhulu nje emuva kulezo, izingwenya ezinkulu, nezingwenya, izinyoka, nakho konke, emuva lapho. Kubi kakhulu kunezilo zase-Arizona Gila. Banalokho abakubiza ngokuthi inyoka ezifihla enhlabathini ekhehlezele umsila, umfo omncanyanyana, futhi ungu—ungumfo ononya. Futhi umfowabo wayelunywe ngomunye, cishe izinyanga ezintathu noma ezine ngaphambi kwalokho, futhi wayesafake ukhonkolo emlenzeni wakhe, nensimbi ezongolozela phezu kwawo, izinyanga. Futhi elele esibhedlela, engazi noma wayezophila noma afe; umfowabo omncane.

³² Ngakho-ke uMfowethu Evans nami sase sibuyele lapho, futhi ngangidoba. O, ngaba nosuku olumnandi.

³³ Ngiyakuthanda nje ukudoba. Mina, ngingumdobi ozihluphekelayo kunabo bonke emhlabeni, kodwa ngingomholi omuhle: Yena. Futhi Uyangitshela ukuthi zikuphi, futhi ngokuvamile ngiyazithola.

³⁴ Futhi ngathola ezinye ezinhle ngalolo suku. Futhi ngangilengisa eyodwa enkulu kakhulu, inhlanzi enkulu kakhulu ibhasi, cishe amaphawundi ayishumi noma ayishumi nanye,

ngiqagele. Angikwazanga ukuyibamba. Nesicupho esincane senhlanzi esanyosi eyayisikhiphe emlonyeni wayo. Nomlomo wayo uthi awube *kanjalo*, nenhlanzi esanyosi encane *kanjalo*. Wayesukuma, avele ayithintithe ayikhiphe nje emlonyeni wakhe. Kodwa wayethukuthele kakhulu. Ngayijikijela ngayiphindisela, futhi yangena okwesithathu.

Futhi uMfowethu Evans wathi, “O, ithole, Mfowethu Branham.”

³⁵ Ngakho-ke nganginyakazisana nalenduku, ngizama ukuthola lenhlanzi ibhasi ukuthi idle futhi, nenye, futhi o, okuthize, umfo omkhulu wakudla, ngamthola esethi ukukhandlela. Ngamgcina ngaphandle kweminduze yechibi kwaze kwaba ukhuphuka usondela osebeni.

³⁶ UMfowethu Evans ohlezi lapho, wayenezinyawo zimanzi. Wavele wafingqa imilenze yebhulukwe, futhi wayengafake zicathulo. Wathi, “Umzuzwana nje.” Incema nezinto zazimile, ziphume *kanjalo*. Wathi, “ngizoyithola.”

³⁷ Ngathi, “Yekela. Ngizoyidonsela phakathi, nokho. Uyehla, sinensada.”

³⁸ Ngakho-ke waqala ukudonsa, *kanjalo*. Wathi, “ngizoyithola.” Lapho ephuma, inyoka encane ehlala enhlabathini enomsila okhehlezelayo yamthola, lapho nje ephuma, kudabule ngqo ngaphezu konyawo, ngaphezulu ngqo kwethambo leqakala.

³⁹ Angikaze ngikuzwe u—ukubukeka okunjalo ebusweni, noma ukuzwa ukumpongoloza okunjalo. Waphuma lapho, futhi ebambe izandla zakhe *kanjalo*, futhi equqoda amazinyo akhe. Ngabuka, futhi kwakukhona amancane, cishe ukuqhelelana okungako lapho amazinyo enyoka ayeshaye khona emlenzeni wakhe.

⁴⁰ Manje, wena ungumuntu ogula kunabo bonke emhlabeni, emizuzwini embalwa nje. Futhi kungcono uthole usizo noma ndawo ndawo, ngoba uzofa. Futhi lobo—lobo—lobo buthi buwushevu ngempela enyokeni ehlala enhlabathini enomsila okhehlezelayo.

⁴¹ Awu, yena uyindoda enkulu kakhulu. Futhi ngangimncane kakhulu ukuba ngimthwale cishe amamayela amabili ukuya emotweni, kulawo maxhaphozi. Futhi sesibuka izingwenya ezinkulu yonke indawo, futhi anginaso isibindi kakhulu ngakuzo, empeleni. Ngakho-ke ngacabanga, “Ngingenzani na?”

⁴² Kwase kuthi khona lapho into ethize ibonakala ikhuluma kimi, futhi ngase ngiwubonile umBhalo weNkosi, wathi, “Futhi bayakunyathela amakhanda awofezela, namakhanda ezinyoka, akukho lutho oluyakubalimaza.” Ngabe-ke sengicabanga ngomfowabo, kodwa umfowabo akalona ikholwa. Akayena

umKristu. Kodwa le ndoda ingumKristu. Ngakho-ke wayegxakathise futhi ebambe umlenze wakhe.

43 Ngabeka izandla phezu kwakhe. Ngathi, “Baba waseZulwini, sisesimweni esibucayi, futhi a—angikwazi ukuthwala umfowethu. Futhi ngaphandle kwalokho, ubezogula kakhulu, ngesikhathi ngimkipha lapha, angazi noma singamyisa yini osizweni ngesikhathi noma qha. Kodwa kulotshiwe eZwini laKho, ukuthi, ‘Akukho lutho oluyobalimaza.’ Futhi leli ikholwa.”

44 Futhi ngaqaphela ukuthi wayeka ukuhlupheka noma ukubanga umsindo. Futhi ngenkathi ngiyeka ukukhuleka wayehlezi, engibuka, ehleka. Wathi, “Bonke ubuhlungu sebhambile.”

45 “Awu,” Ngathi, “singaqhubeka na?” Saqhubeka nokudoba, sadoba lonke lolo suku. Ngalobo busuku, cishe ngehora leshumi nanye nqo. . .

46 Sathola izinhlanzi amabhasi amaningi kakhulu kwaze kwaba yilapho, lapho siphumela empucukweni futhi, ngani, babephandle lapho bethatha izithombe, bezibuka, le phezulu ebusuku, cishe ngeleshumi nanye nqo.

47 Nomfowabo, lo owalunywa yinyoka, wayephethe i—isitolo sokudla kokucupha. Futhi weza ngapha, futhi saxoxa indaba, sabonisa indawo. Futhi umfowabo wathi, “Kulungile ukukholwa, kodwa hhayi ubuwula.” Wathi, “Iya esibhedlela ngokushesha ongakwenza, futhi uthole usizo lokuqala.”

48 UMfowethu Evans wathi, “Uma uNkulunkulu uSomandla engivikele kusukela ngeleshumi nanye nqo kulokhu ukusa kuze kube ngeleshumi nanye nqo kulobu busuku, lokho kuyakuxazulula.” Akaze abe ngisho nobunye ubuhlungu.

49 Ungasukuma nje, Mfowethu Evans, ukuze abantu babone ukuthi bengikhuluma ngobani na? Lo ngumfowethu khona lapho. UMfowethu Dauch. . .

50 Futhi, o, UnguNkulunkulu noma ngabe ukuphi. UnguBukhona bukaJesu Kristu obungehluleki neze. “Bhekani, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Futhi Uyinselelo, ukubeka ukukholwa kwakho, noma ngasiphi isikhathi ofuna ukukwenza, eZwini laKhe, futhi Uyokwenza kufezeke. Manje ngi. . .

51 Kuyinhlanhla ukuba lapha kulobubusuku noMfowethu wethu olungileyo uGroomer. Futhi ngiye. . . Usengilandele isikhathi eside, khuphuka uze lapha. Futhi ngicabanga ukuthi kuhle kakhulu ukuba lapha kulobubusuku, kanye nalaba abanye abazalwane abakahle, nithole ukuhlangana noMfowethu Ballard ngapha, nabaningi benu. Bese-ke sonke silindele ukuba sesidlweni sasekuseni seBusiness Men. Futhi ezansi e—e. . .

Lithini igama lalokho na? IRamada. Ngikusho kahle lokho na? IRamada. Ingabe iSpanishi leso na?

⁵² Ngikhumbula ngesinye isikhathi ngafunda igama elilodwa ngesiSpanishi, “Oye.” Angisakusho lokho kahle. Kungcono ngikuyeke lokho. Ngisho, “Uyangizwa na?” Noma into enjalo, “Oye.” [Omunye uthi, “Oye.”—Umhl.] “Oye.” Yilokho-ke. “Oye.” Yilokho-ke.

⁵³ Bese kuthi-ke ukuthi, “Gloria a Dios,” udumo kuNkulunkulu. Yilokho-ke, “Gloria a Dios.”...?... “Gloria a Dios.” Ngiyakukhumbula lokho kusukela kudala, ngakho-ke ngisampongoloza, “Gloria a Dios.”

⁵⁴ Ngakho-ke manje, kulobubusuku, ukuze ningeke nime isikhathi eside kakhulu, futhi—futhi isikhathi esincane nje senhlanganyelo.

⁵⁵ Futhi ngiyaxolisa, ngimi lapha emsamo, ngikhuluma lokhu futhi ngithokoza, ngoba ngijabule kakhulu ukuba lapha. Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu ufuna abantwana baKhe ukuba bajabule. Ngi—ngikholwa ukuthi singayigijimisa ngokwedlulele, futhi—futhi singabi gotho ngakho. Kodwa ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna abantu baKhe bajabule ngempela, futhi babe nobudlelwane, nobungane obuvela ezinhliziyweni zethu. “Nithandana njengoNkulunkulu, ngenxa kaKristu, noma uKristu asithanda.” Ngicabanga ukuthi yingakho sifanele sibe amaKristu ajabule.

⁵⁶ Manje ake thina, ngaphambi nje kokuba sifunde iZwi, ake sikhulume nje kuMqambi umzuzwana nje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Futhi manje amakhanda ethu ekhotheme, njengoba thina, sibeka eceleni isikhathi sethu esincane senhlanganyelo ndawonye manje, ukujwayelana nokuvuselela inhlanganyelo yethu. Ngiyazibuza, kulendlu encane ebonakalayo kulobubusuku, ngaphandle noma phakathi, uma kuke kube khona izicelo okumelwe zibalulwe, futhi kwazise ngokuphakamisa isandla sakho. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho. UNkulunkulu abe nomusa. UNkulunkulu abe nomusa. Manje Uyasazi isidingo sakho. Bangaki abanesidingo sikamoya, ukuthi niphakamise izandla zenu na? UNkulunkulu akubusise. Futhi manje ngokuphulukiswa komzimba wakho, phakamisa izandla zakho, ngibone ukuthi ngabe bakhona yini abantu abagulayo. O, he! Yizwe elidala eligulayo, akunjalo na? Masikhulume naYe Ongalungisa konke okungalungile.

⁵⁷ Nkulunkulu uSomandla, njengoba Wabonakala ku-Abrama eGameni likaNkulunkulu uSomandla, Wena kusukela phakade kuze kube phakade, Nkulunkulu Somandla. Futhi sijabula kakhulu kulobubusuku ukuthi sinenhlanhla yokuza kuWe. Sazi lokhu, ukuthi uma singena ngesimemo sikaJesu, ukuthi lapho sinesiqiniseko sokuthi Wena ulalele. Ngokuba Wathi, “Celani uBaba noma yini eGameni

laMi, Ngiyolwenza.” Manje, siyakukholwa lokho, ngoba kuyiZwi likaNkulunkulu. Futhi sinezidingo eziningi kakhulu kulobubusuku, Nkosi.

⁵⁸ SiyaKubonga ngalelibandla, nangesizwe ukuthi sisengaba nalolu hlobo lomhlangano kuso, ngedolobha elingeke livale iminyango. SiyaKubonga ngomelusi walo, umfowethu othandekayo, nakulo lonke ibhodi, abadikoni, abaphatheli, nawo wonke amalungu. Futhi, Nkulunkulu, phezu kwakho konke lokhu, siyaKubonga ngawo wonke umhambi lapha kulobubusuku, labo abagogobele nathi lapha emhlabeni.

⁵⁹ Sihlangene, Baba, ngobuqotho bokukhonza, futhi sikholelwa ukuthi Wena uzohlangana nathi, futhi ungehluleki ukusibusisa, futhi usinike okuncane impela kwezifiso zethu. Futhi Wazibona izandla zalababantu ngezimo zomoya. O Nkulunkulu, buyisela emuva konke ukwesaba nokungabaza, kulobubusuku. Sengathi uMoya oNgcwele ungaba nokuvelela.

⁶⁰ Nkulunkulu, sikhulekela labo abasesimweni somzimba, abaphazamisekile, ukuthi abakwazi ukuthokozela ukuphila, ukuthi udeveli wenze okubi kubo futhi wabagulisa. Mabazi, kulobubusuku, ukuthi ngemivimbo yeNkosi uJesu thina sonke siphilisiwe. Kwangathi singaba nesibindi kulobubusuku ukuba sikhwele singene eBukhloneni bukaNkulunkulu, ngokukholwa. Ngokuba ngokweqiniso, uNkulunkulu unguBaba wethu, nokukholwa ngumama wethu osiletha ekuZalweni, kuNkulunkulu. Ngakho-ke kwangathi thina, ngokukholwa kukamama, singangeniswa eBukhloneni bukaBaba uNkulunkulu Owanikeza isithembiso. Futhi asikhulule kubo bonke ububi, njengoba Wasifundisa ukukhuleka, “Sikhulule kokubi.”

⁶¹ Manje, Nkosi, busisa lababefundisi abavakashile. Umbuthano weChristian Business Men uza, sikhulekela lokho, ukuthi imiphefumulo eminingi ingasindiswa. Futhi uma sesihamba kulobubusuku, sengathi singakwazi ukusho njengalabo abavela e-Emawuse, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma nathi endleleni na?”

⁶² Busisa iZwi laKho lapho siLifunda. “IZwi laKho liyiSibani,” iSibani esinika ukuKhanya okuvela emhlabeni kuya eNkazimulweni. Futhi kwangathi singakhwela phezulu kancane elateni kulobubusuku, Nkosi, njengangenxa yokuhlanganyela kwethu ndawonye eBukhloneni bukaKristu Jesu. Manje, Baba, kusukela kulelihora, hamba ungene ebukhloneni bethu. Thatha iZwi likaNkulunkulu ophilayo futhi uLinike yonke inhliziyo elambile. Siyacela eGameni likaJesu. Amen.

⁶³ Manje, nina enithanda ukuthatha izindikimba, noma nifuna ukufunda emiBhalweni kanye nathi, uma nizophenya emaBhayibhelini enu kuJohane oNgcwele, isahluko 1, Ngifuna ukufunda ingxenye impela yeZwi, kuJohane oNgcwele, isahluko

1. Futhi manje sizoqala ngevesi le 15 likaJohane oNgcwele isahluko 1.

UJohane wafakaza ngaye, wamemeza, wathi, Nguye lo ebengikhuluma ngaye, Lowo ozayo emva kwami uvelile ngaphambi kwami, ngokuba wayekhona kuqala kunami.

Ekugcwaleni kwakhe samukele sonke, umusa phezu komusa.

Futhi umthetho wanikezwa ngoMose, umusa neqiniso kwavela ngoJesu Kristu.

Akakho owabona uNkulunkulu nanini; kodwa iNdodana ezelwe yodwa, esesifubeni sikaYise, . . . embonakalisile.

Ngokuba lokhu kungubufakazi bukaJohane, mhla abaJuda bethuma abapristi namaLevi bephuma eJerusalema ukuba bambuze ukuthi, Wena ungubani na?

Wavuma, akaphika, kodwa wavuma wathi; Mina kangisiye uKristu.

Basebembuza bathi, Pho? Ungu-Eliya na? Wathi, Angisiye. Unguye lowomprofethi na? Waphendula wathi, Qhabo.

Basebesithi kuye, Ungubani? ukuze si—sibaphendule abasithumayo. Uthini ngawe na?

Futhi wathi, Ngiyizwi lomemeza ehlane, Lungisani indlela yeNkosi, njengalokho asho u-Isaya umprofethi.

Futhi labo ababethunyiwe babevela kubaFarisi.

Bambuza, bathi kuye, Pho, ubhaphathizelani, uma ungesiye uKristu, noma u-Eliya, noma—noma kumbe lowomprofethi?

UJohane wabaphendula, wathi, Mina ngibhaphathiza ngamanzi: umi phakathi kwenu, eningamaziyo;

Nguyena, ozayo emva kwami, omi phambi kwami, omchilo wesicathulo sakhe ngingafanele ukuvuthukulula.

Lezi zinto zenzeka eBethabara ngaphesheya kweJordani, lapho uJohane wayebhaphathiza khona.

Ngomuso . . . (Uxolo) . . . UJohane wabona uJesu eza kuye, wathi, Bheka, iWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe.

Nguye lo . . . ebengithi, Emva kwami kuza umuntu owavela ngaphambi kwami, ngokuba wayekhona kuqala kunami.

Nami bengingamazi: kodwa ukuze abonakaliswe ku-Israyeli, ngalokho ngizile ngibhaphathiza ngamanzi.

NoJohane wafakaza, wathi, Ngibonile uMoya ehla ezulwini njengejuba, wahlala phezu kwakhe.

Nami bengingamazi: kepha owangithuma ukubhaphathiza ngamanzi, nguyena owasho kimi, Phezu—phezu koyakubona uMoya ehla phezu kwakhe, ahlale phezu kwakhe, nguyena obhaphathiza ngoMoya oNgcwele.

Mina ngibonile, ngafakaza ukuthi lo uyiNdodana kaNkulunkulu.

Ngangomuso futhi wayemi uJohane, nababili kubafundi bakhe;

Futhi ebuka uJesu ehamba, . . . wathi, Bheka, iWundlu likaNkulunkulu!

Abafundi ababili bezwa ekhuluma, bamlandela uJesu.

Futhi khona uJesu waphenduka, wababona belandela, wathi kubo, Nifunani na? futhi bathi kuYe, Rabi, (okusho ukuthi, Mfundisi,) uhlala ngaphi?

Futhi wathi kubo, Wozani . . . bona. Futhi ngakho-ke beza babona lapho ehlala khona, bahlala naye ngalolosuku: kwakungaba yihora leshumi.

Omunye walaba ababili abezwa uJohane ekhuluma, bamlandela wayengu-Andreya umfowabo kaSimoni Petru.

Yena uthola umfowabo uSimoni kuqala, wathi kuye, Simfumene uMesiya, okungukuthi, ngokuhunyushwa uKristu.

⁶⁴ Kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo kulokhu kufundwa kweZwi laYo. Futhi manje, ngentshisekelo ejulile, ngicela ukunaka kwenu imizuzwana embalwa nje—endikimbeni encane, ukuthi uma ngingayibiza ngalokho. Ngihlezi edeskini, esikhashaneni esedlule, cische ngelesithathu noma ngelesine nqo kulentambama, ngifunda, lokhu kungishayile. Futhi ukudonsa indikimba kulokhu, ngifuna ukuthatha lokhu, lamagama amabili: *Ukwaneliseka Bese Uyashisekela. Ukwaneliseka Bese Uyashisekela.*

⁶⁵ Manje, siphila esikhathini esibi kakhulu. Siphila esikhathini sokuwa okukhulu. Siyakwazi lokho. Siyazi.

⁶⁶ Izolo kusihlwa bengishumayela ngendaba yoku*Cabangela*, ezansi kwelinye ibandla. Abantu bethatha uhlobo oluthile lwento ethize, futhi nje bacabangela ukuthi bangamaKristu. Futhi igama elithi *cabangela*, njengoba sichazile izolo ebusuku, lichaza “ukuhamba uhambo olungase lube nezingozi ngaphandle kwegunya.” Futhi abantu abaningi kakhulu

bayacabangela namuhla. “Awu,” bathi, “Ngenza *ukuthi-nokuthi*. Ngajoyina isonto. Nga—ngacwiliswa emanzini. Ngiyacabangela ukuthi ngingumKristu.” Lokho ngeke kusebenze. Lokho, awukwazi ukucabangela kukho. Ufanele uqiniseke ukuthi unjalo. Niyabo? Wena, ufanele wazi ngempela ukuthi ungumKristu. Ngakho-ke, namuhla, ngizizwa, ebusweni buka . . .

⁶⁷ Isizwe sakithi sinamalungu amaningi amaKristu ukwedlula isizwe esake sawazi. Kodwa bewazi yini, ngonyaka odlule, ngokwezibalo, ukuthi azikho i . . . akukho kolishi lezenkolo. Elinye nje kancane liqhathaniswe nonyaka odlule. Kodwa onke amanye amakolishi ezenkolo, noma isikole, noma isikole seBhayibheli, sawela ngaphansi kwesabelo salo sabefundisi. Lapho abantu abasha, abanobizo empilweni yabo, ukuba baphumele ensimini nokunye nokunye, lokho kuya ekuqeqeshweni kwabo, kanjalonjalo, ukuthi babevame ukuma kanjani emgqeni ukuze babhalise ezikoleni, futhi manje awukwazi ukubancenga nhlobo. Kukhona ukungalungile ndawo ndawo. Niyabo? Ngiyakholwa, ngenhliziyo yami yonke, ngaphandle kwanoma yikuphi, ngingathembi ukuthi ngisho noma yini engalungile, kodwa ngikholwa ukuthi kungenxa yokuntuleka kwentshisekelo, ukukhathazeka, ukungakhathazeki okunganele. Kunokukhathazeka okuningi ngokwenza ibhomu le-athomu, ukukhathazeka kakhulu ngokuthi ubani ozofika kuqala enyangeni. Futhi—futhi anginandaba ngokungena enyangeni. Ngifuna ukungena eZulwini, yilapho engifuna ukufika khona.

⁶⁸ Uyazi, bahlala bememeza “Sinomuntu wokuqala emkhathini.” I-Rashiya ilokhu isimpongolozela, “Safaka indoda emkhathini.”

⁶⁹ Ngani, sibe noYedwa emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Impela. Thina, bona . . . ? . . . Ba—basemuva kakhulu, basemva kwethu ngeminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Sibe neNdoda emkhathini le emuva ngaleya, manje, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, yavuka ethuneni, futhi isemkhathini, nakuyo yonke indawo, ndawo zonke. Impela. Ngakho-ke yiLowo esibheke kuye. Uzosiyisa lapho Asho khona. “Endlini kaBaba waMi kukhona izindlu eziningi, futhi Ngizohamba ngiyolungisa indawo.” Ndawana thize ngale komkhathi ngaleya, angazi, kodwa Uzobuya azosemukela. Yileyo into. “Izinhliziyo zenu mazingakhathazeki, kanjalo ningesabi.” O, ngiyakuthanda lokho. Lokho kuyangazisa nje, ukuthi, “Kukhona ikhaya eDwaleni kwenye indawo, le ngaleya kwesiqongo sentaba,” njengoba imbongi yasho.

⁷⁰ Manje, lokhu kuwa kuwukungabi nandaba ngoMzimba kaKristu. Ngikholwa ukuthi mhlawumbe into efanele ayikethulwa nokho. Abafundi abaningi abasebasha abayothatha

ubizo empilweni, ubona ukwehluleka okuningi kakhulu phandle lapha, futhi ubone ngempela ukuthi inqubo nohlelo losuku kwehlulekile. Hhayi... UKristu akehlulekile, kodwa uhlelo esiludalile lwehlulekile. Uhlelo lukaKristu aluhlulekanga. Kodwa inqubo yabantu yehlulekile. Manje, uKristu unohlelo okufanele singene kulo.

⁷¹ Manje, besingahlala isikhathi eside kulemiBhalo embalwa emincane nezinto ebengifuna ukubhekisela kuyo. Kodwa ukusheshisa, asiqale manje futhi siqale emuva eNcwadini ka-Isaya, futhi siqale ngokubizwa kukaJohane okokuqala “iphimbo lomemezayo ehlane,” eminyakeni ethile engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili naphambi kokuzalwa kwakhe.

⁷² Futhi lapho uZakariya, uyise, umpristi osukwini lwakhe, wayengumfundisi ethempelini leNkosi. Futhi yena nomkakhe, u-Elizabethhe, base beshayeke impela ngeminyaka. Futhi uMoya oNgwele weza kuZakariya, futhi wambusisa, futhi wantshela ngomntwana, njengoba sazi sonke. Kodwa kumelwe ukuba kwakuyinto eyinqaba, nomuzwa enhliziyweni yalezo zithandani esezikhulile, lapho le ndodana ethenjisiwe ifika. Futhi, inkulumo yakhe, wayekade eyisimungulu kwaze kwaba yisikhathi aqamba ngaso igama lakhe, ngokweZwi likaNkulunkulu. Niyabo?

⁷³ IZwi likaNkulunkulu liphelele kakhulu. Futhi ngenxa yokuthi lelochashazi elilodwa noma isihloko esincanyana ngeke kudlule, ngeke kudlule kuze kugwaliseke. UJesu uyeza, futhi Uzela iBandla elingenabala noma umbimbi. Futhi akukho nelilodwa iZwi noma okuncinyane kwaLelo okuyoke kwehluleke. IBandla liyoba kuleso simo lapho uJesu efika. Basilindle.

⁷⁴ Manje, qaphelani ukuthi uZakariya no-Elizabethhe, njengoba base beshayekile impela ngeminyaka, babazi ukuthi babengeke bakwazi ukuphila isikhathi eside, kade ngokwanele ukuba babone indodana yabo, lokho uNkulunkulu ayemgcinele khona. Kodwa babazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye, ngoba uMoya oNgwele wawethembisile lesosithembiso, futhi babazi ukuthi uNkulunkulu wayezoyinakekela indodana yabo. Manje, ngokomlando lapho, bafa lapho cishe eseneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala.

Futhi, uJohane, ukuthi laba bafo bayinqaba kanjani.

⁷⁵ Manje, kwakubukeka sengathi uJohane, ephuma ekhaya lompristi, ukuthi yena eyindoda ekholwayo, futhi azi ukuthi kwakukhona ubizo empilweni yakhe, wayezoqonda ngqo ehlele esikoleni futhi abe umpristi njengoyise. Manje, lokho bekungaba umcabango wemvelo.

⁷⁶ Uma umfana ethola ubizo empilweni yakhe, into yokuqala abacabanga ngayo ukugijimela ekolishi lenkolo ndawana thize, niyabo, agijimele esikoleni noma okuthize ngalolohlelo, lindani

nize nithole iziqu zenu, kanjalonjalo, ngaphambi kokuba nishumaye.

⁷⁷ Futhi, manje, uJohane wenza okuphambene nalokho, esikhundleni sokuya esikoleni uyise aphuma kuso. Wayazi ukuthi kwakukhona ubizo empilweni yakhe. Futhi wayazi ukuthi wayezomemezel- . . . wayezokwethula, ezweni, uMesiya, ngoba wayezohamba phambi kwaKhe. Futhi kwakungeke kube khona iphutha kukho.

⁷⁸ Ngakho-ke, esikhundleni salokho, wayazi uma ehlele esikoleni futhi wabatshela, “Abaningi benu abakuqondi lapha, kodwa nginguye owazalwa nguZakariya, umpri, owaba nokufundiswa kwakhe lapha kulesisikole sesayense yezenkolo. Futhi ngiye. . . Ngi. . . Niyamazi umama wami, owesifazane olungileyo, futhi niyazi ukuthi ngingubani. Ngakho-ke ngiyehla, ‘umbhishobhi, umbhishobhi omkhulu,’ nokunye nokunye, uku—ukufunda ukuthi uMesiya uzobukeka kanjani, ngoba ngizofanele ngazi ukuthi Ubukeka kanjani. Ngizofanele ngiqiniseke, ngoba Uzoba nguMuntu. Kuzofanele ngazi ukuthi Ubukeka kanjani, ukuze ngikwazi ukuMethula ngempela ezweni.”

⁷⁹ Manje, leso yisikhundla esibalulekile. Futhi bazalwane bami, niyazi sinaleso sikhundla esifanayo na? Kunjalo. Kwethula ngempela, kubantu, uMesiya.

⁸⁰ Ngakho-ke wayazi ukuthi uma ehlela esikoleni, ukuthi wonke umuntu uyoba nombono ohlukile ngakho, futhi bekuyodala ukudideka kuphela.

⁸¹ Kodwa uJohane, eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, waya ehlane, ukuba yedwa noNkulunkulu, ukuze angenzi iphutha. Wayefuna ukwazi ukuthi loMesiya wayeyoba yini, ukuthi wayezoMthola kanjani, ukuthi Wayezobukeka kanjani, ukuze akwazi ukuMethula. Futhi siyathola ukuthi, esikhundleni sokuthatha zonke iziqu zakhe futhi enyuke njengomprisi njengoba uyise wayenjalo, futhi alandele ezinyathelweni zikababa—baba wakhe, waya kude kakhulu nesikole ngendlela ayengahamba ngayo, wayothi ngqu wangena ehlane, eyedwa noNkulunkulu.

⁸² Anginalutho olumelene nezikole. Anginalutho olumelene nalokho nhlobo. Bahle kakhulu. Kodwa ngezinye izikhathi, ngemva kokuba usuthole iziqu zakho ezikoleni, usafanele uphumele ehlane ndawo ndawo, ukuthola intando kaNkulunkulu. Kunjalo. Yiqiniso.

⁸³ Manje, uJohane, ephethe lesisikhundla esikhulu, wahamba waqonda ngqo ehlane, futhi wayelapho kusukela eneminyaka eyisishiyagalolunye waze waba neminyaka engamashumi amathathu ubudala, ehlane.

⁸⁴ Ungaqaphela indlela akhuluma ngayo; wayengumuntu wasehlane. “O, nina nzalo yezinyoka.” Niyabo? Ubeziywayele

izinyoka ehlane. Niyabo? Yena. . . Niyabo? “O, imbazo ibekiwe empandeni yomuthi.” Niyabo? Wayeyihlane. Niyabo? Yena—yena washumayela njengoba wayephila, esimeni sendawo ayehlala kuyo. Futhi unikeza lezozifanekiselo zezinto ayezifundile phandle lapho e—ehlane.

⁸⁵ Manje, kungani uJohane ayeqinisekile kangaka na? Niqaphelile yini, akashongo ukuthi, “Mhlawumbe yilokhu?” Wathi, “Bhekani, yilokhu!” Wayezoqiniseka kanjani na?

⁸⁶ Manje ake sifunde elinye ivesi. Ivesi le 26, nginalo libhalwe lapha. Ngifuna ukubona ukuthi sitholani kulelivesi lama 26 lapha.

Futhi uJohane wabaphendula, wathi, Mina ngikubhaphathiza ngamanzi: umi phakathi kwenu, ongamaziyo;

⁸⁷ Bukani. UJohane wayazi. UJohane wayeqiniseke kanjani ukuthi phakathi kwalesosigejane ndawo ndawo, emi lapho-ke, kwakuyilowo Mesiya na? “Kukhona Omi phakathi kwenu manje, Eningamazi, futhi nguYe Ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele.” Niyabo? WayeMazi. Ngani na? Ngoba isikhathi sase siseduze.

⁸⁸ Bazalwane, isikhathi saseseduze. Kuyamkhokhela umKristu, hhayi nje ukujoyina ibandla, noma ukuncika kokunye, ukwenza isu, imizwa ethize, noma okuthize ngaleyondlela, kodwa ukuqiniseka ukuthi uqinisele.

⁸⁹ Manje, kuningi kakhulu namuhla esinakho. Abanye bayakuvumela ukuthi kufunde. Abanye bayakuvumela ukuthi ekufundeni izivumokholo. Abanye bakuvumela ukuthi kube nemizwa emncane exakile. Abanye bayakuvumela ezintweni ezahlukene. Okungukuthi, angimelene nalutho ngalokho. Lokho kulungile. Kodwa akukhona lokho engikhuluma ngakho. Ungaba nakho lokho ngaphandle kokuba nento yangempela. Niyabo?

⁹⁰ Futhi yilokho esizama ukukusho. Sifanele siqiniseke, ngoba isikhathi sesisondele, soku—ukuthululwa kwangempela kukaMoya oNgcwele. Wethembisa ukuthi Uyokuthulula ngezinsuku zokugcina.

⁹¹ Manje, baningi kakhulu abantu abathi, “Uma uthuthumela. Vala amehlo akho. Yenza zonke izinhlobo zezinto, futhi uthole imizwa.” Uthola imimoya, mngane. Kepha uma impilo yakho ingahambisani nalokho okushoyo, khona-ke kukhona okungalungile ngomoya onawo. Niyabo? Futhi kuyiqiniso. Niyabo?

⁹² Wena, ufanele uqiniseke. UMoya oNgcwele uzoveza impilo engcwele, lokho kunjalo. Futhi uma izifiso enhliziyweni yakho, uma uzofanele uziphoke njalo njalo, ukuzama ukucindezela futhi wenze okulungile, futhi izwe lisalambile kuwe, khona-ke kukhona okungalungile. Niyabo? UMoya oNgcwele,

okuwe, ngeke ulambele izwe. Uyolambela uNkulunkulu. Uma kunzima kuwe ukuya esontweni, futhi uzicindezele ukuthi uze lapho ibandla selivuliwe, kukhona okungalungile ngalowo moya. Uzama ukukudedisela kude noNkulunkulu. UMoya kaNkulunkulu uzokugijimisa uqonde ngqo ebandleni ngaso sonke isikhathi lapho umnyango wenhlanganyelo uvuleka. Yebo, mnumzane. Niyabo? Ngakho-ke ufanele uqiniseke ngalokhu manje. Isikhathi sesiseduze.

⁹³ Manje, uJohane wayazi ukuthi isikhathi sase siseduze, ngakho-ke wathi, “Kukhona Omi lapha, ndawo ndawo, phakathi kwenu, eningaMazi.” Kanjalo akazange, ngaleso sikhathi, noma wayengathi, “*Nakhu la Ekhona, noma nakhuya la Ekhona*. Lowo nguYe emi *lapho*.”

⁹⁴ Kodwa uJohane, ukuba wayeye esikoleni, mhlawumbe wayeyoveza amashumi amahlanu.

⁹⁵ Kodwa, niyabo, uJohane wayefunde esikoleni esehlukile. UJohane wayekade ekhona phambi kukaNkulunkulu. UJohane wayemembulele, ngoNkulunkulu, ncamashi iZwi likaNkulunkulu, ukuthi uMesiya wayeyoba njani. Ngakho-ke wayelindele ukubona isibonakaliso sikaMesiya. Wayefuna ukubona ukuthi uMesiya wayekuphi. UNkulunkulu wethembisa, “Ngizozinisekisa lowoMesiya kini.”

⁹⁶ Ngiyanitshela manje, uma nifuna umBhalo walokho, kuzoba yisibonakaliso sangokomBhalo. Ivesi 33, ake sithathe ivesi 33 lapha futhi sifunde. Manje qaphelani.

Nami ngiyamazi, angimazi: . . .

*. . . bengingaMazi: kepha owangithuma
ukubhaphathiza ngamanzi, nguyena owathi kimi, Lowo
oyakubona uMoya ehla, ahlale phezu kwakhe, nguyey
obhaphathiza ngoMoya oNgcwele.*

⁹⁷ Niyabo? Kwakukhona uNkulunkulu, efuna, ufuna ukwenza isiqiniseko sokuthi akukho kuxubana ngakho. UNkulunkulu wathi, “Johane, ngizokunikeza isibonakaliso. Bese kuthi-ke uma ubona lesisibonakaliso phezu kwaKhe, lokho kuzofakaza ukuthi lowo nguYe.”

⁹⁸ UJohane wathi, “Umi laphaya ndawondawo, kodwa a—angikaMazi.”

⁹⁹ Kodwa kwathi lapho ebona u—uMoya wehla futhi uhlezi phezu kwaKhe, akekho omunye owaWubona ngaphandle kukaJohane. Cabanga nje ngalokho. UMoya oNgcwele wehla, esimweni seJuba, futhi wahlala phezu kukaJesu, futhi akukho-muntu owakubona ngaphandle kukaJohane, ngoba isithembiso senziwa kuJohane.

¹⁰⁰ Manje, uma ekhona ongakholwayo lapha ongakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, wena uthi, “Angikukholwa nje,” awusoze wazi lutho ngakho. Wena

uthi, “Angikholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Angiboni ukuthi kulungile.” Ngokuqinisekile awukwazi. Qhabo, mnumzane. Kodwa, okholwayo, Kungokwabakholwayo. Lowo olambele enhliziyweni yabo ukubona uNkulunkulu, uyakubona. Akekho . . .

¹⁰¹ Lawomadoda ayenoPawulu, awakubonanga lokho kuKhanya kulenga lapho phezu kukaPawulu. Abazange bakubone ukuKhanya. Kodwa Kwaba ngokwangempela kakhulu—kakhulu kuPawulu, kwaze kwathi, Kwakhipha amehlo akhe. Kukhanya kakhulu, ukuthi Kwakhipha amehlo endoda eyodwa, imile, iKubuka, nabanye ababemi ngakhona abakwazanga ngisho nokuKubona. Ngakho-ke, niyabo, Kuthunyelwa kulabo abakholwayo futhi abalungele ukuKwemukela.

¹⁰² Izazi, oMegi basempumalanga, balandela iNkanyezi iminyaka emibili, ezansi ngaphesheya koMfula iTigris, nasemathafeni. Futhi bevela le ngale e-Arabiya, ngaleya ungene eNdiya, behlela eJerusalema, belandela leyoNkanyezi. Futhi Yedlula kuzo zonke izindawo zokubuka izinto, futhi akukho noyedwa wabo owabhala noma yini ngaYo; abaYibonanga. Kodwa *bona* baYibona.

¹⁰³ Ngakho-ke ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi uMoya oNgcwele ulapha. Ulapha kulabo abamiselwe ngaphambili ukuWemukela, labo abakukholwayo, abakulindleleyo. Ulapha ukuze uqondise zonke ezalezo zinkinga ezingokomoya. Ulapha ukuphulukisa wonke umuntu ogulayo okhona. Ulapha. Kodwa ufanele ufike futhi ungene e—esimeni sendawo saWo, nesimo sokuwemukela. Ufanele uze, hhayi ngokusetshenzwa kwemizwa. Ufanele ufike phezu kwesisekelo sokukholwa isithembiso esenziwa nguNkulunkulu. Lokho kuyakwenza. Yilokho okukwenzayo.

¹⁰⁴ Wayelindele ukubona lesosibonakaliso, kwase kuthi-ke waye . . . wayengaMmemezela. Futhi wakwenza.

¹⁰⁵ Manje, ngosuku lwesibili, uJohane waMbona futhi, wayesethi, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu.” Wayenesiqiniseko. Wayazi ukuthi lowo kwakunguYe.

Bathi, “Wazi kanjani na?”

¹⁰⁶ Wathi, “Owangithuma ehlane ukuba ngibhaphathize ngamanzi, wathi, ‘Oyobona uMoya ehla phezu kwakhe, futhi ahlale, nguYe Oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.’”

¹⁰⁷ Kwakukhona ababili babafundi bakhe ababemi lapho, futhi bamlandela uJesus. Futhi lapho thina . . . KwakunguFiliphu, u-Andriya. Kodwa lapho befika e . . . Bathi, “Rabi, uhlalaphi Wena na? Sithanda ukwazi lapho Uhlala khona. Manje, kade silalele umprofethi emi ezansi lapha emfuleni. Futhi ubelokhu esitshela manje, izinyanga eziyisithupha, ukuthi kwakuzofika uMesiya, futhi wayezoMqonda. Manje, siyamazi lowomprofethi ukuthi

uyindoda elungile. Siyamkholwa ukuthi ungumprofethi. Ungu—ngumprofethi oqinisekisiwe. Siyazi ukuthi unguye. Futhi uthi Wena unguMesiya. Manje, singathanda ukwazi ukuthi Wena uhlala kuphi.”

Futhi Wathi, “Wozani, nibone.”

¹⁰⁸ Futhi bangena base behlala naYe ubusuku bonke, ngoba kwase kuleyithi ntambama. Niqaphelile, bahlala naYe ngalobobusuku. Futhi ngakusasa ekuseni, u-Andreya wayesenelisekile ngokuphelele waze wafuna ukuthola umfowabo. Niyabo?

¹⁰⁹ Manje, yile yondlela kuphela engibona ngayo ngokuba lapho ukufika ukushisekela ebandleni, nasemuva phakathi kwabantu, wukuhlala isikhathi eside ngokwanele uze uneliseke ukuthi uhlelo lulungile, futhi nguNkulunkulu; futhi hhayi inkohliso ethile yengqondo, noma idlingozi, noma—noma injulamqondo, noma ukusetshenzwa okuthile. Ngempela ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele uNkulunkulu awethembisa ukuwuthulula ngosuku lokugcina.

¹¹⁰ Yingakho amakolishi enkolo eyeka. Babona ukuthi konke abakutholayo, ngandlela thize noma enye, akwenzi. . . Kuhlale kuthembisa okuthile ongeke ufinyelele kukho. Kukhona into abayithembisayo, futhi bahlale bethembisa, futhi bethembisa, futhi bethembisa. Awusoze wafinyelele kukho.

¹¹¹ “Kodwa isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza,” UPetru washi ngoSuku lwePhentekoste. Manje, akusikhona nje okweqembu emuva le, omunye unyaka. Kunamuhla. Kude kangakanani na? “Bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Izibonakaliso zazizolandela okholwayo, ukuze bazi ukuthi bangobani; enikeza ukuqinisekiswa kwazo, ukuthi zazinjalo.

¹¹² Manje, u-Andreya waba kakhulu, washisekela kakhulu, ngoba wahlala naYe ubusuku bonke futhi waneliseka. Kwase kuthi-ke ngenkathi esenelisekile ukuthi WayenguKristu, wayeseshisekela ngomunye umuntu.

¹¹³ Futhi ngikholwa ukuthi wonke owesilisa, wonke owesifazane, wonke umfana noma intombazane, ohlala isikhathi eside ngokwanele, ukuthi unelisekile ukuthi Liqinisile, futhi LinguMoya oNgcwele, uthwele kanzima enhliziyweni yakho, kangangokuthi awukwazi ukuma uthule futhi uvumele laba bantu bafe kanje ehlazweni nasesonweni. Kuyogaya yona impela inhliziyho iphume kuwe, ukuphuma lapha kulezi zitaladi. Kuyakwenza, noma yimuphi umKristu, ukubona abantu bezinikele ngokuphelele esonweni: ekuphuzeni, ekugembuleni, ekuqalekiseni, ekuthukeni, ekubhemeni. Yonke imoto oyimisa ngemuva, ngowesifazane onosikilidi eminweni yakhe, ngokunye kwalokhu kugunda izinwele eziyinkimbinkimbi, aba—

abakusebenzisayo manje, nawo wonke lo mbhedo ojwayelekile. Nezinkulungwane zalabo abazisho ukuthi bangamaKristu.

114 Awuboni, mngane, ukuthi ngikulokho, ukuthi njengenekazi lokuqala lezwe, benazi yini ukuthi uJezebeli wayeyinenekazi lokuqala lalelozwe naye na? Niyabo? Impela. Kodwa u-Elija wamkhomba. Wayemzonda, kodwa wamtshela lapho ayengowakhona. Eqinisweni, wayengumelusi wakhe. Wayengafuni ukukuvuma, kodwa wayenguye. Kunjalo. Wamtshela.

115 Manje, sibona sonke isono, nezinto ngendlela eziyiyo, futhi sigaya enhliziyweni yanoma ubani. Sibona abantwana abancane... Umkami ubengitshela namhlanje ekuseni. Senyukela esontweni elincane phezulu kwenye indawo. UMFowethu Williams usikhuphulele lapho, izolo. Futhi uthe, “Bill, bekuxhuxhumisa.”

116 Ngemva kokuza ezitaladini futhi ngibona amantombazane amancane, engengaphezu kweminyaka eyishumi nambili ubudala, ehamba ephethe osikilidi ezandleni zawo, nabafana beza bevela esikoleni, bewagaxile, indawo engafanele. Bantwana, ngani, amaphoyisa abefanele acoshe into enjalo. Awu, lokho yinkohlakalo. Ini na? Leyo nganyana empofu, kuzokwenzakalani kuyo na? Phandle emajoyintini, nakho konke okunye, bephuza, futhi begembula, futhi beqhubeka nalaba bafana, futhi engadluli eshumini nambili, iminyaka eyishumi nane ubudala, nomama wabo emubi nje njengawo. Kunjalo. Futhi bonke bayasonta.

117 Wathi, kulelibandla phandle lapho izolo, “Kwakumnandi ukubona isigejane sabantwana abancane, cishe abaneminyaka eyisishiyagalombili noma eyisishiyagalolunye ubudala, bangene bonke futhi baye e-altare bese beyakhuleka, bese bethatha izindwangu futhi baye kocwebezela izihlalo ukuze abantu bangene ngalobobusuku.”

118 Malibongwe iGama leNkosi! Kusenegatsha elisele, ndawana thize. Kukhona insali uNkulunkulu ayoyibiza ndawonye. Kulungile.

119 Ukwaneliseka bese uyashisekela. Manje, u-Andreya wayeshisekele ngomfowabo, kwathi nje esenelisekile ngokuphelele ukuthi lowo kwakunguMesiya. Wakwenza kanjani na? Wahhala naYe ubusuku bonke.

120 Inkathazo yakho iwukuthi, ngeke sihlale naYe imizuzu emihlanu. “O, ngifanele ngiye ekhaya. Olunye uhlelo lukamabonakude luyadlala. Sifanele nje siwubone lowo mdlalo. Ngeke nje ngisakwazi ukuhlala. Yilokho kuphela. Angikaze ngilugeje lolo isikhathi eside. Uchungechunge abaludlalayo, niyazi. Futhi ngakho-ke a—angeke...” Ya. Yilokho-ke. E-hhe. “Ngiyakutshela. Ngi—ngifanele ngenze *lokhu*, noma

lokho. Angikwazi ukwenza *lokhu* futhi ngenze *lokho*.” Asikho isikhathi.

¹²¹ O, mfowethu, “Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe.” Niyabo?

¹²² Kodwa into, manje-ke, elahla ukushisekela, futhi emva kwesikhashana ulahlekelwe yikho konke. Ulahlekelwe yikho konke. Awushisekeli nganoma yini khona-ke ngaphandle kwakho uqobo nje. Kunjalo.

¹²³ Siyashisek- . . . sishisekela kakhulu namuhla ngokugcwalisa phama amabandla ethu. Sifuna ukubona uma thina . . . i . . . uma thina maPentecostal singeke sathola okungaphezulu kunamaBaptisti. IBaptisti ifuna ukuthola okungaphezulu kunamaMethodisti. Futhi bamemeza ngenjabulo ukuthi baya ngokuya banda ngaso sonke isikhathi.

¹²⁴ Kodwa banani na? Abanalutho ngaphandle kwabangathandeki abavela ezitaladini phakathi lapho, lapho kungafanele kulethwe lutho ebandleni ngaphandle kwabangewele nabangcwelisiwe futhi babekwa eceleni. Akumangalisi ukuthi isoni sinesikhathi esibi kakhulu. Ngani, abantu, ngisho namaPentecostal ethu, becabangela ukuthi bangamaKristu, behambahamba futhi bezilibazisa nezwe, begijimela emibukisweni yezithombe nasemaphathini nemidanso, abesifazane begunda izinwele zabo futhi begqoke iziketzi ezingcolile.

Wena uthi, “Abakwenzi.”

¹²⁵ Yehla uze ekudleni kwasekuseni kweBusiness Men futhi uthole ukuthi abakwenzi yini, noma qha. Ngenani kunoma yiliphi ibandla lePentecostal, cishe impela, ngeSonto ekuseni, futhi nithole uma bengenjalo—ngenjalo. Abesifazane bazimpintsha ezingutsheni ezincane ezindala ne—nezinto, nokuziphatha ngokucanulayo kakhulu, nayo yonke into enjalo. Lokho kuyihlazo. Uyazi ukuthi yilo.

Kungani, wena uthi, “Awu, ubungafanele ukusho lokho.” Ngi . . .

¹²⁶ O Nkulunkulu yiba nomusa. Nkulunkulu sinike othile onesibindi sokukusho. YiBhayibheli. Ya. Yilokho okumele kushiwo. Impela.

¹²⁷ Awu, indoda, i—i—indoda ezovumela umkayo enze lokho, ngi—nginezinhlonipho ezincane kuyo noma phi. Ingaba kanjani umKristu, kuyilapho ifanele ibuse indlu yayo uqobo, iyigcine enqubweni na? Ngani, kuyihlazo. Besifanele sibuyele ebungcweni, sibuyele kokufanele, sibuyele kuNkulunkulu. Kunjalo.

¹²⁸ Kodwa uma ubona, izwe libona ibandla, thina nje bantu bePentecostal sisho okuthize, izwe lithi abakakutholi. Niyabo?

Wena uthi, “Abakakutholi. Abahlukile kubo bonke abanye.” Awu, lokho kunjalo impela. Baqinisele, impela nje.

¹²⁹ Uyazi, sihlala sizama ukubhekana nezwe. Sizama ukubadlula. Njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, wena u—wena u—wena uzama ukuhlangana nabo esizindeni sabo. Mabeze ngapha esizindeni sethu. Niyabo? Asifuni ukuzama ukuthola lokho abanakho. Sinokuthile abangeke babe nakho ngaphandle kokuthi babe ngomunye wethu, ukuthi thina, kunjalo, sibe yisitsha seNkosi, yiba noKristu.

UKristu wathi, “Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi.”

¹³⁰ Kodwa, niyabo, uma ibandla lingakwenzi lokho, baziphakamisela phezulu. . . Nifanele niMphakamisele phezulu, njengoba iculo lasho, ngokuphila ngendlela amaKristu obekufanele enze ngayo. Niyabo? Kodwa esikhundleni salokho, siqala sisuke khona lapho, zona impela izinto esizenzayo nezinto, kufakazela ukuthi asinakho. Niyabo? Ngakho-ke nina, bacabangela lokho nje, njengoba ngishilo ngobunye ubusuku. Ungakwenzi lokho. Buya. Ungathathi isibambiso, ngoba uzokufa.

¹³¹ Futhi khumbula, uma ufa nalowo mphefumulo ukushiya, awushintshi neze. Qhabo, mnumzane. Ukufa akuwushintshi umphefumulo. Kushintsha indawo yawo yokuhlala, kepha kusengumphefumulo ofanayo. Ngakho-ke uma ungazalwanga ngokusha, nengxenye kaMoya waPhakade kaNkulunkulu, wawunesiqalo. Noma yini enesiqalo inesiphetho. Yingalesosizathu uNkulunkulu ewukuphela kwento ePhakade.

¹³² Ngaphandle uma uzelwe ngokusha futhi ube nokuPhila okuPhakade (igama lesiGreci elithi *Zoe* lapho lisho ukuthi “ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo” kuwe), wena uzobhubha. Kodwa lapho ukuPhila kukaNkulunkulu kukuwe, awusoze wabhubha njengoba uNkulunkulu engabhubha, kunjalo, ngoba uyindodana, inzalo kaNkulunkulu, futhi unokuPhila okuPhakade. O, yileyo nto ibandla eliyidingayo. Manje-ke uma uNkulunkulu ekuwe, khona-ke Uphila ukuPhila kwaKhe uQobo ngawe. Niyabo? Futhi si—sazi kunjalo-ke ukuthi singamaKristu. Khona-ke uyashisekela ngomfowenu, uma uMoya ukuKristu.

¹³³ Ukuthi, Wayekhathazeke kakhulu, ukuthi Weza evela eZulwini, wadela iZulu, wehlela lapha emhlabeni, futhi wazalelwa esibayeni esinomquba esinesigejane sezinkomo ezikhalayo, engenazo ngisho nezingubo zokuMgqokisa. Yena—Yena wahlanganisa. Hhayi indawo yokubeka ikhanda laKhe; hhayi ithuna lokuba angcwatshwe kulo; wajeziswa futhi washaywa, ngendlela Ayeyiyo. Wayeshisekele ngokwenele, futhi uNkulunkulu walithanda kangaka izwe, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa.

¹³⁴ Futhi zonke lezozinto lapho, ukuthi lowoMoya owawukuYe ukuwe, futhi khona-ke asishisekele ngomunye nomunye nangebandla na?

¹³⁵ Abantu bayangitshela, ngaso sonke isikhathi. Indoda yathi, kungekudala, yathi, “Mfowethu Branham, yeka ukugcona ibandla. Yeka ukusho lezi zinto. Lokho akukhona okwakho ukukusho.”

Ngathi, “Ubani-ke ozokusho na?” Niyabo? Kunjalo.

¹³⁶ Lokho, impela, kungu—kungumsebenzi wethu. Kungumsebenzi wethu kubantu, ukukhuluma iQiniso ngempela, ngoba uzophinde uhlangane nakho. Lokhu ukuhlala nje okuncane; lokho kuPhakade lapho. Masihlale nakho, sikhulume iqiniso futhi sibe neqiniso ngakho. Yebo, ushisekele.

¹³⁷ Kuqala, ngaphambi kokuba ushisekele, ufanele uneliseke ukuthi uqinisile. Khona-ke lapho usunelisekile ukuthi uNkulunkulu uqinisile, futhi uNkulunkulu ukuwe, futhi uNkulunkulu ukwenzele izinto ezinkulu kakhulu, khona-ke uqinisekile. Ubona umfowenu esephutheni, uzomtshela ngakho. Uma kungekho, kukhona okungalungile. Lelo yiqiniso, manje.

¹³⁸ Futhi uma ubona ukuthi ibandla lisephutheni. Wena, akunandaba, uyalithanda ibandla. Futhi—futhi wena u... UKristu walithanda iBandla futhi Wanikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yaLo. Futhi sifanele senze okufanayo. Akufanele kuphela, kodwa sizokwenza uma sinothando lukaKristu kithi. Kuyasiphoqelela futhi kusifanele ukwenza kanjalo, njengamaKristu. Yebo.

¹³⁹ Ngokushesha lapho u-Andreya ethola ukwaneliseka ukuthi lowo kwakunguMesiya, wenzani na? Akungabazeki ngalobobusuku, ehlezi lapho emhlanganweni, lapho yena no—nomngane wakhe. UKristu wahlala endlini lapho, akungabazeki kodwa lokho uJesu abuyela emuva emiBhalweni futhi waqala ukumtshela.

¹⁴⁰ Manje, u-Andreya wayeyisifundiswa, ngoba uyise wayeyiso. Yena, yena noPetru, wayeyiso. Uyise wayengumFarisi, futhi wayeyindoda elungile, egeqeshiwe. Futhi ngakho-ke wayazi ukuthi uMesiya wayeyoba kanjani.

¹⁴¹ Futhi lapho esebone uMesiya enza izinto uMesiya afanele azenze, wabona indlela Ayephila ngayo nakho konke, wayanelisekile ukuthi lowo kwakunguMesiya.

¹⁴² Manje, uma ubona uNkulunkulu ekubamba, futhi eshintsha impilo yakho, ukuba akwenze kulokho wena—wena... lokho ongeyikho, kulokho obufanele ube yikho, khona-ke usulungele ukutshela omunye umuntu ngakho. Unelisekile.

¹⁴³ Kodwa inkathazo yakho iwukuthi, siyakhuphuka, sinendlela emfushane, esheshayo yokudlula. Thina nje, “O, asikwazi ukuhlala lapho isikhathi eside kakhulu. Qhabo, ungakhulumi

nathi izinsuku eziyishumi, noma ubusuku bonke.” Qhabo, sifanele sikhuphuke, futhi mhlawumbe sizoxhawulana nomfundisi, noma sifake igama lethu encwadini, noma sidlule emzweni othile omncane. “Sikutholile.” Phandle, ubusuku, ubusuku obubodwa ebhareneni, ubusuku obulandelayo ushumayela iVangeli. Niyabo? Niyabo? O, he! Yilokho, lapho inkathazo ikhona. Yingakho sixoveka kakhulu ngakho, niyabo, kulezozinto. Umuntu makazibonakalise.

¹⁴⁴ Ngiyayikhumbula intshumayelo yokuqala engazama ukuyishumayela. Ngiyamthakasela lowomshumayeli weMissionary Baptisti omdala. Ngasukuma lapho. Futhi ngibonile indlela ayeshumayela ngayo. Mina nje u—umfana, ngangikade ngiseWay cishe izinyanga eziyisithupha noma unyaka. Futhi wangibiza, wathi, “Manje, ngifuna ushumayeke kusasa, noma ngoLwesithathu ebusuku.”

¹⁴⁵ Ngasukuma epulpiti. Ngangicabanga ukuthi ngenze njengomshumayeli. Ngangicabanga ukuthi ngenze kahle. Omama abadala, emva kwalokho, bangimbambatha emhlane base bethi, “Mfowethu Billy, lokho bekumangalisa nje!” Omama abadala, niyazi, lapho, bekhala, bathi, “Futhi uNkulunkulu uzokwenza umshumayeli ngawe.”

Ngacabanga, “O, ngethemba ukuthi Uyakwenza.” Ngacabanga ukuthi ngenze kahle kakhulu.

¹⁴⁶ Ngaya ngaleya kuDkt. Davis omdala, ehlezi lapho, udebe lwakhe lulenga phansi. Ngathi, “Ngenzenjani, dokotela na?”

Wathi, “Okubi kunakho konke engake ngakuzwa.” Niyabo?

¹⁴⁷ Ngacabanga, “O, he!” Bengicabanga ukuthi ngidlule kuwo wonke amadlingozi nakho konke obekufanele ngikwenze, beshwiba izandla zakho nakho konke okunye, niyazi, njengoba kwenza umshumayeli. Ngacabanga ukuthi ngangenze nje bonke babo. Ngangimbhekile futhi ngenza lokho akwenza.

Wathi, “Okubi kunakho konke engake ngakuzwa.”

Ngathi, “Mfowethu Davis?”

¹⁴⁸ Wathi, “Angikaze ngikuzwe okunjalo empilweni yami.” Wathi, “Nsizwa, ngifuna uhlangane nami egumbili lami lokutadishela, kusasa ntambama, ngelesibili nqo.”

¹⁴⁹ Ngacabanga, “O, he!” Ngakho-ke ngehora lesibili nqo ngehla, izimpaphe zami zadoncuka zonke, niyazi. Ngathi, “Sawubona kusihlwa, Dkt. Davis.”

Wathi, “Unjani, Billy? Hlala phansi.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Ngicabanga ukuthi imizwa yakho ilimele.”

¹⁵⁰ Ngathi, “Inyatheliwe nje. Kube yilokho kuphela.” Ngathi, “Awu, yini, ngenzeni ngokungafanele na?”

¹⁵¹ Wathi, “Ngifuna ukukutshela indaba encane.” Wathi, “Uyazi, ngafunda, ngaba ummeli ngaphambi kokuba ngibe umfundisi.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane. Ngiyakwazi lokho.”

¹⁵² Wathi, “Billy, ngesinye isikhathi ngafunda umthetho, futhi ngikwenze ngendlela okwenze ngayo iBhayibheli, noma ngendlela owatadisha ngayo ngenkonzo.”

¹⁵³ Wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngangiummeli ngesikhathi ngifungiswa ebhentshini.” Wathi, “Ngasukuma lapho ngase ngikhulumela icala leshlukaniso ngesinye isikhathi, icala lami lokuqala.” Futhi wathi, “Ngangibona labo bameli beshaya phezu kwetafula kanjalo, futhi bampongolozwe ‘Nkosi yenkantolo, mnumzane, Mahluleli!’ Futhi ngakhala futhi ngasula ubuso babo, ngezinyembezi. ‘Lona wesifazane omncane ompofu, ungukuthi-nokuthi,’ futhi kanjalo.” Wathi, “Futhi emva kwesikhashana, ummeli omdala, wayeyimbangi yami, ngakolunye uhlangothi,” wathi, “wavele wahlala wangibuka isikhathi eside.” Wathi, “Ngakhala. Ngashaya ideski, futhi ngenza yonke into njengoba kwenza abameli.” Futhi wathi, “He! Imbangi endala yahlala laphaya, omunye ummeli ngakolunye uhlangothi, ummeli wendoda uhlezi lapho. Ngokuqonde ngqo wathi—wathi, ‘Mahluleli, Nkosi yenkantolo, le nkantolo yakho izomela lombhedo isikhathi eside kangakanani na?’”

¹⁵⁴ Wathi, “Ngehlulwe icala.” Futhi wathi, “Ngabhaxabulwa ngempela.” Wathi, “Ngafunda okuthize ngaleso sikhathi, niyabo.” Yena... Futhi ngabuza umahluleli. Wathi, hhayi... Wathi, “Ummeli, naye, wayengumngane wami. Kodwa,” wathi, “wehlela lapho, futhi wathi, ‘Roy, ngikwenze ngamabomu lokho.’ Wathi, ‘Uyabona, ubudlula emadlingozini. Ubukhala, unikina ikhanda lakho, futhi ulishaya.’

“Wathi, ‘Ngenza njengoba nje abanye abameli bekwenza.’

¹⁵⁵ “Wathi, ‘Kodwa ubungafaki nokukodwa okuncinyane komthetho kukho. Akuwona amadlingozi akho anqoba icala; yisinqumo somthetho. Ufanele wazi ukuthi umthetho uthini ngakho.’”

¹⁵⁶ “Futhi lokho yindlela efanayo okuyiyo namuhla, ngawe.” Wathi, “Billy, wanikina ikhanda lakho, futhi wakhala futhi waxuma phansi-na-phezulu, kodwa awukaze ushumayele nelilodwa izwi elivela eBhayibhelini. Udlule kuzo zonke izinhlobo zamadlingozi.”

¹⁵⁷ YiZwi likaNkulunkulu elibalulekile. YiZwi likaNkulunkulu elikushoyo. Kunjalo impela. Kufanele kube yiZwi, iZwi impela.

¹⁵⁸ Futhi ngenkathi bebona leloZwi lenziwa inyama lapho kuJesu Kristu, u-Andriya wayenelisekile, futhi khona-ke wayeshisekele ngomfowabo. Wahamba masinyane.

159 Niqaphelile na? Akazange athi, “Woza ngapha, Simoni. Ngi—ngi—ngifuna uze ngapha futhi uhlale nami emhlanganweni. Mhlawumbe mhlawumbe besingahlukanisa imimoya, futhi besingathola ukuthi ngabe loMuntu ngempela unguMesiya noma qhabo.” Akazange akusho lokho.

160 Wathi, “SiMtholile.” Kwakungekho ukungingiza ngakho. “Simtholile uMesiya. Wozani, niMbone.” Wayenelisisekile.

161 UMose, ngokunjalo, ngenkathi ecabanga ukulidla, ezansi eGibhithe, futhi wabulala umGibhithe, wayengashisekele. Akazange... Wayengashisekele ngakho. Uma uNkulunkulu wayezoba naye, kungani Wayengenaye na?

162 Ngakho-ke waphuma wase eshada owesifazane omuhle. Futhi ngakho-ke waba nengane ngaye, uGershomu, futhi—futhi bahlaliswa. Futhi wayezodla ifa lomhlambi omkhulu wezimvu lapha kuJetro, u—umpristi wakwaMidiyani. Futhi waye, yonke into, yayisemgwaqweni olula. Wayezohlala nomkakhe, futhi abe nekhaya elincane, futhi, niyazi. Nje, wayenza kahle; umsebenzi omuhle, wayezoba indlalifa. Konke kwakuhamba kahle.

163 Wayengashisekele. Akabange esasizwa isiswebhu somphathi womsebenzi. Yena—yena wayengashisekele ngabafowabo ezansi lapho: ngababelethisi abampofu; na—nabesifazane benezingane zabo, ababeqhumise amakhanda azo futhi baziphonsa ezingweneni; futhi—futhi, bona, ukuthi babebenze kanjani bakhonze kanzima ezansi lapho; yena wa-... nasebugqilini nasekuthunjweni. Wayengakhathalele.

164 Wayekhokhelwe umuzi wakhe, njengoba nje senza namuhla. Leyo yinto yokuqala esiyicabangayo ngakho: ukukhokhela ikhaya. Kuhle lokho. Ubufanele ukwenze. Kunjalo. Kodwa kukhona obekufanele kube yikho ngaphambi kwalokho.

165 NguNkulunkulu, kuqala, ukuqhubeka kwebandla. Kungumsebenzi wawo wonke umuntu kulelibandla khona lapha, ukubona ukuthi into iqhubeka kahle. Futhi ubeka amandla akho okuphoqa kukho, ukuletha wonke owesilisa nowesifazane, umfana noma intombazane, ongakwazi, ezitaladini nasezintangweni, nasezimpambanweni, ukuba umngenise ebandleni.

166 UMose wayesehlehlile. “Bayeke. Ngiqagele, uma kuyileyondlela abafuna ukukwenza ngayo, kulungile.” Niyabo? Wayengakaze abe nesehlakalo esiqondene nomuntu siqu nokho.

167 Ngakho-ke, ngolunye usuku, emuva ngemuva kogwadule, kwakukhona umalusi omdala onentshebe owehla ngaphesheya kwegquma lapho, ephethe induku esandleni sakhe. Uyangena, ubuso nobuso noNkulunkulu; UJehova uNkulunkulu ehlezi phezulu lapho esihlahleni, futhi sivutha. UNkulunkulu waheha ukunaka kwakhe ngokwenele ukuba amkhuphulele lapho futhi amkhumule izicathulo zakhe kuye. Futhi wezwa

iPhimbo likaNkulunkulu. Wayenelisekile, ukuthi, “NGINGUYE ENGINGUYE. Angihluleki neze. NginguLowo owayeno-Abrahama, u-Isaka, noJakobe. NgisenguNkulunkulu ofanayo.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

168 Kwase kuthi-ke lapho ethola ukuthi uNkulunkulu wayengesiso isigejane sezivumokholo, uNkulunkulu wayengesiso isigejane sezimfundiso; UNkulunkulu wayengowangempela, ephila, uNkulunkulu ophilayo, inhliziyi yakhe yayivutha umlilo. Akukho okuzomvimba manje. Futhi wathola ukuthi kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukukhulula u-Israyeli, futhi wabizelwa umsebenzi.

169 O Nkulunkulu, siphe abashumayeli abanjalo. Yilokho thina . . . Yilokho esikudingayo, bazalwane. Asinjalo, bazalwane na? [Abazalwane bathi, “Amen.”—Umhl.] Kunjalo. Esikhundleni sokubaleka kwenye indawo.

170 Zonke izehlakalo zekolishi lezenkolo zikaMose zase zingasekho khona-ke. Niyabo? Yena—yena wayeyindoda ehlakaniphile. Wafundiswa kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibithe; wayekwazi ukubafundisa. Kodwa akusizanga ngalutho. Kwadingeka abe nesehlakalo somuntu siqu noNkulunkulu. Futhi wahlangana naYe lapho, ubuso nobuso, futhi wakhuluma naYe. Futhi kwathi nje esekhulume naYe, wathola ukuthi umqondo waKhe wawuyini, nokuthi lwaluyini uhlelo lwaKhe, wayeseshisekele ngaleso sikhathi ngabafowabo ababesebugqileni.

171 Futhi noma yimuphi owesilisa noma owesifazane oke ahlangeane noNkulunkulu, ubuso nobuso, futhi angasuka ahambe futhi ukuthathe kube yinto elula, ukubona abantu ezitaladini, bezitika ngesono, kuyakubulala.

172 Ngathi kumkami, esikhathini esithile esedlule, nabanye babazalwane bami. Ngathi, “Ngabe sengihlanya na? Ngabe nguwhlanya na? Kungani ngilokhu ngithethisa abantu na? Kungani ngisho lokhu na? Futhi ngiyazila,” Ngathi, “ngizila ukudla futhi ngikhuleke, ukukubalekela.” Lapho ngizila ukudla kakhulu, isono siba sibi kakhulu. Niyabo? Kusenza nje sibe sibi kakhulu, kuze kuthi, ngokweqiniso, awukwazi ngisho nokuphuma.

173 Umkami wayefuna ngihambe naye siye kolunye uhlobo lwesitolo, ngolunye usuku. Ngaya emnyango, futhi nakhu kufika inenekazi ngalapho. Futhi ngiyazi ukuthi owesifazane usontaphi. Futhi, yena, kwakukubi kakhulu. Ngampongoloza, “Buyela emuva, tokoloshe. Ngizoba kahle.” Ngabona lezo ezinkulukazi, izinwele ezinkulu zimahlikihliki *kanjalo*, nopende obukeka uluhlaza sasibhakabhaka ngalendlela, nasezansi ngaleyondlela. Liphuma lidiyazela ngalapha, libukeka njengelimpintshiwe, isoseji elihlutshiwe, phandle

lapho kulezozingubo. Ngiyanitshela, o, kwakukubi kakhulu. Kulungile.

¹⁷⁴ Bengisesidlweni sasekuseni seBusiness Men maduzane, ngale eLos Angeles, futhi ngangimi lapho ngilindele uMfowethu Arganbright ukuba angene. Nenenekazi langena. Angikaze ngikubone okufana nakho. Ngacabanga, “O, he, buka leyonto bandla! Yena owesifazane, kukhona okungalungile ngaye.” Ngakho-ke ngiyaqala, ngi—ngaqala ukuhamba ngiqhele.

¹⁷⁵ Ngathi, “Qhabo. Ngingumfundisi. Bengifanele ngikhulume naye. Ngi—ngi—ngibonile ngi—ngiwubonile umdlavuza. Ngilubonile uchoko. Angikaze ngiyibone into enjalo. Uluhlaza wonke ngaphansi kwamehlo.” Ngaqala. Ngahamba ngaya lapho. Manje, izidalwa ezingabantu azibukeki kanjalo, ngaphandle uma sezifile noma okuthize, noma zidlekile. Ngakho-ke, ngaya ngaleya.

¹⁷⁶ Futhi ngacabanga, niyazi, ngangizokhuphukela kuye futhi ngithi, “Dadewethu, uxolo. Ngi—ngingu—ngingumfundisi, nenkonzo yami ngukukhulekela abagulayo. A—a—angazi, kodwa ungathanda ukuthi ngibe nomkhuleko wakho na?”

¹⁷⁷ Futhi ngisacabanga, nakhu kuvela omunye, kwase kuvela omunye. Isikhathi sokuqala engake ngakubona ngaso, umbala oxakile ngempela ngalendlela, niyazi, no—no—nokuluhlaza okwesibhakabhaka phezulu *lapha*, nokuluhlaza satshani ezansi *lapha*. Futhi kwakungukubukeka okuxakile kunakho konke. Futhi, ukwethembeka-ekulungeni, ikhanda elikhulu *kangako*. A—angikaze ngikubone okufana nakho. Ngazizwa nginamahloni ngempela ngami.

¹⁷⁸ Ngani, kuyihlazo! Impela kuyilo. Futhi begqoke izingubo ezincane ezindala, njengokuthi, niyazi, amabhulukwe amasleksi, bawabiza kanjalo. Lapho, iBhayibheli lathi, “Owesifazane owembatha ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu.” O, yonke into ifanele ibe yiphunga phambi kukaNkulunkulu. Futhi inhliziyo yakho ingakubheka kanjani lokho, futhi ingashisekeli na? Lapho, ubona isizwe sakho uqobo, abantu bakini uqobo, izidalwa ezingabantu ziyaqhaqhaazela ekuhlushweni, ziya esihogweni, futhi angeke wenze lutho ngakho. Ake ngimemeze inqobo nje uma nginezwi lokumemeza. Angikhathali ukuthi noma ubani uthini. Kukhona okulungile nokungalungile. Ngifuna ohlangothini olukahle lapho ngima phambi kukaNkulunkulu. Ngifuna ukuma. Yebo. Impela.

¹⁷⁹ UMose washisekela lapho ethola ngempela ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu. Wayeshisekele.

¹⁸⁰ UJakobe, ngobunye ubusuku, niyazi, wayemshiyile uLabani, futhi wayesindleleni yakhe ewela. Isifiso sifika enhliziyweni yakhe ukuvakashela izwe lakubo lendabuko. Futhi manje sithola ukuthi wayesaba. Wayenga... Wayesaba ukuhlangana

nomfowabo. Ngakho-ke wehlela emsebenzini, ngaphambi kokuba awele iJordan, futhi wakhuleka ubusuku bonke. Futhi wabambana neNkosi, wabambana ubusuku bonke. O, wathi, “Ngeke ngiKuvumele uhambe.”

¹⁸¹ Ngiyakuthanda lokho. Bambelela kuYe. Kulungile. Hlala naYe ubusuku bonke. U-Andrewya wakwenza. Hlala naYe ubusuku bonke.

¹⁸² Futhi wabambana neNgelosi, ubusuku bonke. Futhi iNgelosi yathi, “Kuza imini. Ngifanele ngihambe.”

¹⁸³ Wathi, “Ngeke nje ngikuvumele uhambe. Ngifuna okuthile kimi okwehlukile. Ngifuna okuthile kimi okuzongishintsha.”

¹⁸⁴ Futhi niaqaphela, kwathi nje iNkosi ingambusisa, isibusiso asicelayo, wayeselungele ke ukuwela umfula ayobona umfowabo. Niyabo? Kungani? Wabambana ubusuku bonke. Wahhala no—wahhala no...noNkulunkulu, ubusuku bonke gulukunqu, nokubambana noNkulunkulu.

¹⁸⁵ Manje, uma nje athi, “Hheyi, awungiyeke manje. Ngikhathela.” Niyabo? Isibusiso besingekene neze size. Niyabo? Ubengasoze—soze abe lapho. Niyabo?

¹⁸⁶ Kodwa wahhala ubusuku bonke. Niyabo? Wabambana naYe ubusuku bonke, wayeselungele-ke ukuhlangana nomfowabo ngakusasa ekuseni.

UDavide omncane, ngesinye isikhathi . . .

¹⁸⁷ Niyabo, into yokuqala, ufanele uneliseke. Khona-ke, into elandelayo, uyashisekela ngemva kokuba usuqinisekile. Manje, uJakobe wayazi. (Ngaphambi kokuthi ngiye kuDavide.) UJakobe wayazi ukuthi uNkulunkulu owayemehlukanisile nomfowabo, uNkulunkulu owayemthumele ngale kwelinye izwe futhi wayekade enaye, futhi wambusisa futhi wamnika konke ayenakho; futhi wayemenzele isithembiso, ukuthi Uyomnakekela, amandise, uma ebuyela ezweni lakubo uqobo. Wayazi, uma kuphela ubengathola ukuxhumana nalowoNkulunkulu, khona-ke wayezoshisekela, ngakho-ke wakwenza. Kulungile.

¹⁸⁸ Manje, uDavide, ngoluny’usuku wenyuka ukuzoletha amanye—amanye amaqebelengwane omkhiwane, nophayi wamagilebhisi omisiwe uyise ayewulungisile. uJese wayethunyelwe phezulu uDavide. Wayengumfanyana, nabafowabo babesempini phezulu lapho no-Israyeli. NamaFilisti ayebavimbezele, futhi enabo ohlangothini lwegquma, namaFilisti ngakolunye uhlangothi. NoDavide omdadlana uyakhuphuka egqoke ijazi lakhe lokwelusa elincane, indwayimane igoqiwe futhi ephaketheni lakhe noma ndawondawo. Futhi—futhi wenyukela lapho, futhi wezwa u—ukubhonga okukhulu okudala kuphuma kumdondoshiya laphaya, ephosela inselele amabutho kaNkulunkulu ophilayo.

189 Awu, lokho kwavele kwaba seduze kukaDavide. Niyabo? Manje, uDavide wenyukela kuSawulu, futhi watshela uSawulu. Ngemva kokuvela kwezindaba, akushoyo, wayezohamba alwe naye. Wakhuphukela kuSawulu. Futhi uSawulu wathi, “Awu, awulutho kodwa umfana. Futhi ungumfana omncane obomvana. Futhi ungunyayizi omningi kowakho, ubeyiqhawe kusukela ebusheni bakhe. Ungaze ulwe kanjani nendoda enjalo na?”

190 Manje bhokani. UDavide, okokuqala, wayenelisekile. Amen. Wayenelisekile, wabe-ke eseshisekela ngabafowabo. Uma babephuzi kakhulu ukuthi bangalwa naye, ubezokwenza. Amen.

191 Nakho la ukhona. Lolo uhlobo lomKristu. Uma bonke abanye bengeke bakwenze, masikwenze. Amen. Makuthi thina. Uma kufanele ngime ngedwa, ngime lapho. Ngimemeze, okulungile nokungalungile. NgiKusho phandle lapho. NgiKusho, akunandaba ukuthi noma ubani uthini ngawe. Yima eZwini likaNkulunkulu futhi uthi Liqinisile. Hlala naLo. O, isikhathi esinjena pho!

UDavide wayenelisekile. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayengokoqobo.

192 Ngakho-ke uSawule kungenzeka ukuthi washo into enjengale, “Ndodana, ngiyasazisa isibindi sakho. Kodwa, wena, awulingani naleyondoda.” Niyabo, babebuka ngaphandle.

193 Kodwa uDavide wayenelisekile. Wathi, “Lalela. Ngolunye usuku,” wathi, “inceku yakho lapha yayiluse izimvu zikayise.” Futhi wathi, “Ibhubesi langena, lase lithatha elinye lamawundlu, labaleka nalo.” Futhi wathi, “Inceku yakho yalilandela, futhi yalilahla phansi, ngendwayimane. Manje lagxumela kimi, futhi ngalibamba ngentshebe ngase ngilibulala.”

194 Wathi, “Kwase kuthi-ke ngolunye usuku esinye isilwane, ibhere, langena lase lithatha elilodwa, labaleka. Futhi ngi—ngalibulala. Nginelisekile ukuthi uNkulunkulu obengikhulula ezidladleni zebhubesi, ezidladleni zebhere, Uyongikhulula kakhulu kangakanani kulwomFilisti ozidlayo, ongasokile phandle lapho na?” Yebo, mnumzane. “Uzokwenza kakhulu kangakanani na? Ngenelisekile ukuthi kulungile. Futhi abafowethu abanaso isibindi sokulwa. Kunjalo. Kodwa ngiyashisekela ngamabutho kaNkulunkulu ophilayo. Ngiyashisekela, ukubabona bezisekela kulezi zindaba.” Amen.

195 Kukhona engikushilo na? Kulungile. Yebo, mnumzane. Ngiyashisekela ngokuthi basekela udaba lukaNkulunkulu, besho, ukuthi, “UJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade.” Ngiyashisekela ngabo bekusekela, futhi bathi, “Ubungwele abusibo obebandla. Ayikho into okuthiwa ukungcweliswa kukaMoya.” Ngiyashisekela ngabo bethi,

“Izinsuku zezimangaliso selwedlule.” Yini indaba ngabo na? Yini indaba na? Siyashisekela.

¹⁹⁶ Uma besaba ukukwenza, sibe nesehlakalo phandle lapha. Sahlangana nodeveli. Kunjalo. NoNkulunkulu owayenganqoba udeveli empilweni yami, futhi athululele kimi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, anga—angabulala lowodeveli ongasokile phandle lapho, ozama ukweyisa amabutho kaNkulunkulu ophilayo. Amen.

¹⁹⁷ UDavide wayeshisekele. Ngani na? Wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu. Wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu owayengamthatha kanye naleyo ndwayimane futhi abulale ibhubesi, wayengathatha lokho kuqhosha, ukulawula lowo mFilisti ongasokile. Awukuboni yini lokho, mngane na?

¹⁹⁸ UNkulunkulu ongagcwalisa owesilisa ngoMoya oNgcwele, Angeke yini Aphulukise indoda noma owesifazane, ozama ukudelela umKristu na? O, impela Angakwazi. Inhliziyo elambile efuna ukwazi uNkulunkulu, uNkulunkulu owadelela udeveli futhi wamxosha empilweni yami, futhi wafaka uKristu phakathi lapho, Angeke akwenzele leyondoda futhi na? Impela. UNkulunkulu ongasusa izifiso zezwe kuwe, Angeke futhi asuse izifiso zezwe kumuntu olandelayo na? Impela, Angakwazi. Niyabo, into yakho ingukuthi, ufanele uneliseke, bese-ke ungashisekela emva kokukwenza.

¹⁹⁹ Ngale kubeHluleli sithola umahluleli wesithathu. Abaningi benu abakaze bayifunde. Igama lakhe nguShamgari. Kancane kancane, ivesi elilodwa elabhala ngaye, ekugcineni kwamakhasi e—eBhayibheli, eBhayibhelini lami le-Scofield lapha. Futhi uShamgari, wayengu—umIsrayeli.

²⁰⁰ Futhi ngesikhathi sabahluleli, amaFilisti ayevumele wonke ama-Israyeli ukuba atshale okusanhlamvu kwabo. Futhi babeyokwenzenjani na? Babefika, bamashe bangene, ngemva kokuba sebesebenze ihlobo lonke, basuse isivuno sabo kubo, baqhubekele emuva ngqo.

²⁰¹ Ngolunye usuku, uShamgari omncane phandle lapho, wayemile, wathola inqolobane yakhe, wenza konke ukubhula kwakhe, wabeke ukolo wakhe phezu. Futhi mhlawumbe umkakhe omncane, othi ukuba namanikiniki, izinganyana zakhe ezincane, niyazi, isihlathi esiphaphathekile. Wadingeka aphile ezacile kakhulu, ngoba, ngonyaka odlule, amaFilisti athola yonke into. Kwadingeka nje bakhothoze ngapha, bathole ababengakwazi. Futhi lapho babekulesosimo.

²⁰² Kwathi ngesikhathi uShamgari eselungise zonke izinto enzela ubusika, wezwa umsindo. Walunguza ngefasisela. Yini ezayo na? Nakhu kufika amakhulu ayisithupha amaFilisti, ehlome wonke: imikhonto, izinkemba zilenga ezinhlangothini, izigqoko zokuzivikela ezingaba iyintshi ugqinsi, zethusi;

ezinkulukazi, ezinkulu, embethe konke *kanje*, ngensimbi, namajazi ensimbi, njengoba bekubiza kanjalo. Ayelapha. “Gqishi, gqishi, gqishi.” Kulungile, emasha ekhuphuka. Ini? Esusa ayenakho. Yilokho-ke. Niyazi ukuthini? UShamgari, ngingacabanga nje, wabheka emuva emndenini wakhe. Wabuka phandle lapho kulawomaFilisti.

²⁰³ Wase-ke ebheka phezulu ngaseZulwini. Wacabanga, “NgingumJuda. ngesesivumelwaneni. UNkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, noJakobe, ubaba wami, unguNkulunkulu wami. Ngisokile. Angisona isilwi. Angazi lutho ngenkamba. Kodwa ngiyashisekela ngomndeni wami. Ngenelisekile ukuthi Wena unguNkulunkulu.” Haleluya! Yilokho-ke.

²⁰⁴ Hhayi ukumpongoloza, “Hheyi, Mnu. Mfilisti, linda ngize ngithole iZiqu zami zoBuciko, uyazi, i-Ph. D yami. Ngizofunda ukuthi balwa kanjani abalwa ngababili.” Qhabo. Awunaso isikhathi salokho. Yazi nje ukuthi Yena unguNkulunkulu. Yilokho kuphela.

²⁰⁵ Wathi, “Ngiyazi ukuthi Yena unguNkulunkulu. Ngenelisekile ukuthi Yena unguNkulunkulu. Ngiyazi ukuthi ngingumJuda. Ngiyazi ukuthi ngesesivumelwaneni. Ngiyazi ukuthi ngisokile.” O, he!

²⁰⁶ Namuhla sisokwa ngokusoka okukhulu kunalokho. Sisokwe nguMoya oNgcwele, lapho izwe lonke linqanyuliwe kuwe. Ingabe usesivumelwaneni na? Ingabe unguMoyiso Kristu na? Ingabe ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? Ingabe usokiwe nguMoya oNgcwele na? Manje-ke, mfowethu, sonke isithembiso eBhayibhelini singesakho. Amen.

²⁰⁷ UNkulunkulu unomusa lapho ukunenza nina besifazane nibe nezinwele ezinde. Unomusa phakathi lapho ukwenza nina madoda nibone ukuthi owesifazane uyakwenza. Unomusa phakathi lapho ngazo zonke lezizinto. Unomusa phakathi lapho wokuphulukiswa kwakho. Kunjalo. UnguNkulunkulu.

²⁰⁸ Uma kungenjalo, sidlala ngani, siqhubeka ngani na? Siyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo, futhi sibe “usawoti odumele.” Ngempela.

²⁰⁹ Singamapentekoste, noma ngabe siyiwo na? Into elandelayo, uma singamapentekoste, asibe ngamapentekoste. Uma uMlayezo uqinisile, ngena kuWo. Uma Ungenjalo, phumani kuWo futhi nithole lapho kuqinisile khona. Impela. Uma uNkulunkulu unguNkulunkulu, Mkhonzeni. “Kodwa awukwazi ukukhonza uNkulunkulu kanye noMamona ngesikhathi esisodwa.” Masikhonze uNkulunkulu. Neliseka, futhi khona-ke uzoshisekela. Khona-ke ibandla liyokhula ngempela, ngoba nizophuma futhi nithole wonke umuntu ongakwazi ukubangenisa.

²¹⁰ Kodwa inqobo nje uma ujikeleza nje, uthi, “Awu, lowo ngumsebenzi womshumayeli.” Akuwona umsebenzi

womshumayeli. Kungumsebenzi wawo wonke umuntu. Kunjalo. Wonke umKristu ozelwe ngokusha unalowoMoya ofanayo kubo. Umshumayeli angahle abe nesiphiwo, kodwa leso yisiphiwo sikaMoya oNgcwele nje, hhayi uMoya oNgcwele; isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

²¹¹ Abashumayeli bayabizwa. Abaprofethi, nabafundisi, nabavangeli, nabelusi, kanjalonjalo, bemukela uMoya oNgcwele, bese-ke kuba isipho sokwenza lezizinto ngaso.

²¹² Kodwa uNkulunkulu akanabo abantwana abancanyanyana noma abantwana abakhulu kakhulu. Bonke bangabantwana, kuYe. Kunjalo impela. Nesikhundla sakho esifanele sihlezi khona manje ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, nawo wonke amandla.

²¹³ Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngingomncane kunabo bonke ebandleni. Ngingumfo omncanyanyana nje.”

²¹⁴ Kodwa, khumbulani, ngenkathi Enyukela Phezulu, niyabo, nivuswe kanye naYe. NiseMzimbeni. Futhi ukuKristu khona manje, uhlezi ezindaweni zaseZulwini. Uma uyisikhumba kwingaphansi lonyawo, wonke udeveli ungaphansi kwakho. Kunjalo. Kunjalo impela. IBandla! Lapho ikhanda likhona, umzimba ukanye nalo. Futhi uma singcwatshwa, safe, singcwatshwa kuKristu, khona-ke sivuswa kanye naYe ekuvukeni kwaKhe, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, nawo wonke umlilo wesihogo ngaphansi kwethu. Amen. Kunjalo. Akunandaba ukuthi umncane kangakanani, wonke udeveli ungaphansi kwakho. Ngani na? UMNqobi wethu omkhulu usinqobile sonke isono, yonke into, konke ukugula, konke. . . ngisho nokufa uqobo. Kunjalo. Singaphezu kwabanqobi kuYe. Into kuphela, sihlezi naYe esiHlalweni saKhe sobukhosi, sibheke kuYe lapho Ebuka ngale, uBaba. Yilokho-ke. Kulapho. Kulungile.

²¹⁵ UShamgari wayesenele ngakho. Wathi, “Ngenelisekile ukuthi Yena unguNkulunkulu. Ngiyashisekela ngomndeni wami.” Niyazi ukuthi wenzeni na? Wathatha leyonduku yokuqondisa izinkabi, wayesegxumela lapho maphakathi nomgwaqo, futhi wabulala amakhulu ayisithupha amaFilisti.

²¹⁶ Niyazi ukuthi yini induku yokuqondisa izinkabi na? Ngani, yinduku, cishe, o, ngiqagele, cishe amafidi ayisithupha, amafidi ayisikhombisa ubude, mhlawumbe hhayi kade kangako, nocezu oluncane lwethusi ekugcineni kwayo, noma okuthize, noma insimbi. Futhi lapho igeja libhajwa, ngesinye isikhathi bahhala igeja ngayo, *kanjalo*, bese-ke beyishaya inkabi *kanjalo*, “Shesha! Shesha! Gxuma.”

²¹⁷ Kanjalo, ephethe induku esandleni sakhe. Futhi, yena, engagqokile lutho kodwa ama-ovaloli akhe nje. Kwakuyizingubo zokulima. Futhi lapha lamaFilisti ayegqoke isigqoko nezikhali, nomkhonto. Futhi lowomJuda oyedwa omncane, akazange nje

kuphela axoshwe, kodwa wabulala. Amen. Yabambelela kanjani leyo nduku na? Intwana yokuqala ayiwelisa ekhanda lomFilisti egqoke izikhali, cishe *kanjalo*, leyonduku yokuqondisa izinkabi yahamba izingcezu ezingamashumi amahlanu. Kodwa washaya walahla phansi enye indlela, nenyane, kanjalo, waze washaya walahla phansi sonke isigejane sabo futhi wababulala. Kungani na? Ngoba wayenelisekile. Amen. Wayeshisekela.

²¹⁸ Indoda iyolwela umndeni wayo kanjalo, ngaphansi kwezimo ezinjalo, iBandla likaNkulunkulu ophilayo belifanele lilwe ngani, ngombhaphathizo na? UShamgari wayenenduku yokuqondisa izinkabi. Wena unombhaphathizo, uMoya oNgcwele. O, he!

²¹⁹ Asifuni amahora amane kulobubusuku, ngakho-ke kungcono siqhubeke. Kulungile. Yebo, mnumzane.

²²⁰ U-Abrahama, niyazi ukuthi wenzani na? Wabungaza, ngolunye usuku. Ngiyakhohlwa, kucishe kube ngele 16, 17, qhabo, cishe isahluko se 19, ngiqagele, sikaGenesisi. Wabungaza, ngolunye usuku, isigejane saMadoda, waze waneliseka ngempela ukuthi Wona Ayengobani. Waphakamisa amehlo akhe ngenkathi wayehlezi laphaya ngaphansi kwetende. Ubone amaDoda amathathu eza; izingubo ezinothuli. Wawabuka. Waye . . .

²²¹ Umuzwa omncane oxakile ufika phezu kwakhe, ukuthi lamaDoda ayethe ukuhluka kancane kwamanye amadoda, ngakho-ke wagijimela kuWo. Wathi, “Ngeke Nedlula, futhi nihlale phansi ngaphansi kom-oki, futhi,” wathi, “futhi niphumule kancane na? Futhi ngizoNikhela amanzi amancane. Futhi ngizogeza izinyawo zeNu. Futhi—futhi ngiNinika ucezu lwesinkwa. Bese-ke Niyaziphumuza, khona-ke Ningahamba nohambo lweNu.” Niyabo?

²²² Kwakuyini na? Wayengeke avumele ithuba lidlule. Ungakwenzi namuhla ebusuku, futhi. Niyabo? Wayezobamba lelo thuba.

²²³ Manje, wathi, “Hlalani khona lapha manje, futhi ngizongena futhi ngikhiphe amanzi.” Wageza izinyawo zaBo, niyazi, ebhekisisa. Wathi, “Cishe ngiqinisekile impela ukuthi ngiqinisekile.” Wawelela kuMfo olandelayo, waMbheka, niyazi, futhi wageza izinyawo zaKhe, wasusa uthuli ezingutsheni zaKhe.

²²⁴ Watshela uSara, wathi, “Manje, lungisa isinkwa, ngokushesha nje.” Futhi watshela izinceku, wathi, “Thola lelo thole engisanda kulihlaba.” Wathi, “Liqobe. Futhi manje siphakela lamaDoda.”

²²⁵ Waqhubeka nokuwasha. Wathi, “Manje, ngiqinisekile impela. Ngicishe ngiqiniseke.” Futhi ngakho-ke emva kwesikhashana . . .

Kwaqhubeka, isikhashana. Bahlala phansi badla.

226 Mhlawumbe, lapho sebelungele, emva kokuba sebededile ukudla, babelokhu bebheke ngaseSodoma. Futhi emva kwesikhashana, oMunye Wabo wakhuluma futhi wathi, “Abrahama.” Hhayi u-Abrama manje. Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambili, uNkulunkulu wayeselishintshile igama lakhe. “Abrahama, uphi uSara na?” Hhayi S-a-r-a-y-i; kodwa S-a-r-a, uSara. “Uphi uSara, umkakho na?”

227 Walazi kanjani igama lakhe ukuthi kwakungu-Abrahama na? Wayazi kanjani ukuthi wayeshadile na? Wayazi kanjani ukuthi wayenonkosikazi na? Wayelazi kanjani igama lakhe ukuthi kwakunguSara na? Futhi Wayazi kanjani ukuthi lalishintshiwe kusuka kuSarayi kuya kuSara, naye esuka ku-Abrama waya ku-Abrahama na?

228 U-Abrahama wathi, “O, he! A! Kufanele kube njalo... NgiMbone ekuMoya, kodwa lona kufanele kube nguYe.” Yena... Futhi u-Abrahama wathi, “Usetendeni.” NeBhayibheli lathi iNdoda yayifulathele itende ngomhlane waYo. Wathi, “Usetendeni, emuva, emva kwaKho lapho.”

229 Wathi, “Abrahama, Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila. Ulinde iminyaka engamashumi amabili nanhlanu manje, kulokhu. Uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, noma iminyaka eyikhulu ubudala, futhi yena unamashumi ayisishiyagalolunye. Futhi manje si... Mina, Ngizokuvakashela manje, futhi ngilethe. Uzoba nalo mntwana, eNgakwethembisa yena.” O! “Ngi” isabizwana somuntu. “Ngakwethembisa.”

U-Abrahama wathi, “Ngiyazi ukuthi kunjalo manje. Ngiyakwazi.”

230 Kodwa uSara, emuva ekamelweni, akazange aqonde. Wathi, “Hhe!” Wahleka, wathi, “Mina, isalukazi lapha, esicishe sibe neminyaka eyikhulu ubudala, ngizoba nenjabulo nenkosi yami, futhi,” wathi, “nayo isindala futhi? Singake siphinde kanjani ukuthi sibe njengomndeni na?” Wathi, “Asikwazanga ukwenza lokho.” Wathi, “Akuzange kwenzeke nje.” Futhi wahlekela ngaphakathi.

231 NoMuntu, efulathele itende ngomhlane waKhe, wathi, “Kungani uSara ehlekile, ethi le nto ingenzeke na?”

232 Khona-ke u-Abrahama wazi. Khona-ke u-Abrahama wazi. Khona-ke uSara wazi. Futhi waphuma, ethuthumela, wathi, “Angikaze ngisho... ”

Wathi, “Yebo, ukushilo.”

233 O, khona-ke u-Abrahama wayenelisekile ukuthi kwakunguNkulunkulu. WaYibiza, “Nkosi,” Usonhlamvukazi N-k-o-s-i, okungu-Elohim. Hhayi nje inganekwane; WayenguNkulunkulu. Wayehlezi lapho. Wathi, “O!” Wayeneliseke ngempela ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu.

Ngakho-ke, Wayehlela eSodoma.

²³⁴ Futhi wenzani na? Khona-ke wayeshisekele ngomfowabo olahlekile ezansi eSodoma. Ngokushesha nje, lapho ebona okwakuzokwenzeka, wathi, “Uma ngithola amadoda angamashumi amahlanu ezansi lapho a—alungile, ngabe Wena uzo—ngabe Wena uzoligcina na? Amashumi amane?” Futhi kuqhubeke kwehle, “Ishumi.” Niyabo? Wayeshisekela ngomfowabo.

²³⁵ Yilokho, mfowethu. Siyashisekela ngomfowethu lapho senelisekile ukuthi nguNkulunkulu. Futhi uma thina bantu bepentekoste sinelisekile ukuthi lo nguNkulunkulu, khona-ke sizoshisekela ngabufowethu. Kulungile. Futhi senza sengathi asinelisekile ngokugcwele. Futhi ngezinye izikhathi uma sikhulekela abagulayo, ukugula kuvele kuqhubeke, uthi, “Awu, a—angazi. Ngikhulekele futhi.” Uqhubeke, emuva naphambili, senza sengathi asinelisekile ngempela ukuthi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe.

²³⁶ UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe, mfowethu. Impela, Uyakwenza. Uma ku—kungesuye uNkulunkulu, uma kungesona isithembiso sikaNkulunkulu, khona-ke aKadingeki ukuba asigcine. Kodwa uma kuyisithembiso saKhe, Ufanele asigcine, ukuze abe nguNkulunkulu. Akukho lutho olungalungile ngoNkulunkulu; kungawe kanye nami.

²³⁷ UNkulunkulu wethembisa, ngezinsuku zokugcina, Ayokwenza, ukuthi Uyozionakalisa kanjani Yena uqobo ngezinsuku zokugcina. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.”

²³⁸ Ngenkathi uFiliphu ekhuphukela lapho, naphambi kukaJesu, futhi wabona lezizinto zenzeka, wagijima futhi walanda uNathanayeli.

²³⁹ UNathanayeli weza. Ngenkathi uNathanayeli esukuma eBukhoni baKhe, wayenelisekile ngempela, yebo, mnumzane, ngenkathi Etha, “Ngakubona ngenkathi ungaphansi komkhiwane.”

²⁴⁰ Wayenelisekile ukuthi lowo kwakunguMesiya. Wathi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyazi.”

²⁴¹ Owesifazane emthonjeni, wayeneliseke ngempela ngenkathi Emtshela ukuthi wayenamadoda amahlanu ngaleso sikhathi. Wayenelisekile. Futhi hhayi ukuthi wayenelisekile kuphela, kodwa wayeshisekele. Wagijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Ingabe lo akuyena uMesiya na?” Niyabo? Waneliseke ngempela, wakholwa, wayazi ukuthi kwakuyiqiniso.

O Nkulunkulu, sihawukele.

²⁴² Sifanele sihlale naYe size saneliseke, kunjalo, ukwazi ukuthi Liqinisele yini, khona-ke sibone isithembiso saKhe

senziwa siphile phakathi kwethu. Besingashisekela. Ukube nje besingathatha iNcwadi kaNkulunkulu lapha, futhi sithi, “Wethembisa ukukwenza,” bese-ke sihlala size saneliseke ukuthi UnguNkulunkulu waleliZwi, ukuMbona ezibonakalisa Yena uqobo kuleloZwi, enza leloZwi liphile, ukuthi niye nemukela isithembiso phakathi lapha: “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi...” Hhayi nje awodwa aWo; Wona onke. “. . . futhi amaZwi aMi ehlala kini, khona-ke celani enikuthandayo, futhi kuyokwenziwa kini.” Kunjalo. Niyabo? Kufanele. . .

243 Hhayi nje namuhla; kulobubusuku nakusasa, kungabaze. Uyakulahla kusasa, futhi uthi, “Awu, ngiyakutshela. A—angazi noma Lilungile noma qha. Kungahle kube okomuntu othile; ongazi ngami.” Khona-ke, uyabo, akuhlali. Sekuhambile. Niyabo? Izinyoni ziyadlula futhi zikucoshe, izinyoni zezulu.

244 Kodwa uma kuwa kuthi ngqu kwedlule phezu kwanoma yikuphi ukuzindla, ukungabaza, nanoma yini enye, kuyoveza okuphindwe kayikhulu. Oshisekelayo!

245 Kuyangikhumbuza. Ngineminye imiBhalo eminingana nje lapha engifuna ukubhekisela kuyo, kodwa ngizoma emzuzwini, ngisho lokhu. Ngibonile ngoluny’usuku, ikhathuni encane ephepheni. Ngifuna ukuphetha, ngokusho lokhu. Lokho kwangishaya. Futhi kwakuyi—ikhathuni, ivelele kakhulu.

246 Kwakukhona umfana omncane. Wayegqoke kahle ngeSonto ekuseni, elungele ukuya kuSonto-sikole. Izinwele zakhe ezincane zikanyiwe, nesigqoko sakhe sisesandleni sakhe. Eseqedile ukugeza ubuso bakhe. Futhi wadla isidlo sakhe sasekuseni futhi wadla okuthize, futhi waxubha amazinyo akhe, futhi walungiselela ukuya kuSonto-sikole. Futhi wayemi emnyango wekamelolokulala likayise nonina abalele, engqongqoza emnyango, ethi, “Imuphi kini nonke ozongiyisa kuSonto sikole na?” Eshisekela. Yilokho-ke. Yilokho nje, bangane. Shisekelani.

247 Niyaqonda ukuthi umthwalo waleli dolobha laseTempe lapha, ngiyakholwa, uhlezi phezu kwamahlombe enu na? Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unenze izindlu zezibani, ngamunye wenu. Wena, unomthwalo wezono zalomuzi, uhlezi phezu kwabefundisi, phezu kwabantu bebandla, abahambi, njengoba sigogobala sidlula. Awukukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

248 Ini? Awesabi. Impela awesabi ukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. UNkulunkulu akayena uNkulunkulu ukusho ukuthi Uyinto eyodwa, bese kuba enye. Niyabo? Uma—uma Ethembisa noma yini, leyonto Uzoyenza. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁴⁹ Awukholwa ukuthi uJesu ofanayo owavuswa ethuneni, usebuyile esesimweni sikaMoya oNgcwele futhi usekithi manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona. Nokho niyoNgibona, niyabo, ngokuba Ngiyoba nani, ngisho kini, niyabo, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa. Kuze kube sekupheleni komhlaba, Ngizoba nawe ngqo. ANgisoze ngakushiya ngikulahle. Bheka, Nginawe njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Niyabo? Izwe aliyikukubona, kepha niyakukubona nina.” Izwe alikukholwa. Yinina. Lowo... Abakholwayo yibo abakwemukelayo. Lokho yiqiniso.

²⁵⁰ O, manje, bangane, nansi imfihlo. Nansi into engifuna niyazi.

²⁵¹ Ngi—ngijabule kakhulu ukuza ngizokhuluma nani namhlanje ebusuku. Niyizithameli ezinhle kakhulu. Ngijabula kakhulu ukuba sebandleni likaMfowethu Groomer lapha. Ngiyabona, ngikholwa ukuthi wawungumgcinimafa ngesinye isikhathi, noma okuthize okunye, komunye wemihlangano yethu, noma okuthize okunye, unakekela unobhala, umgcinimafa, kanjalonjalo. Ngi—ngangihlale ngifuna ukuza esontweni lakhe elincane. Wangicela, lezo—lezo zikhathi, “Mfowethu Branham, yenyuka futhi usikhulumele.”

²⁵² Kunesinye isigejane sabantu engingathanda ukufika kuso, yilawa maNdiya phezulu lapha, ngenhla nje lapha, a—amaNdiya amaNavajo noma ama-Apache, abantu abayigugu. Ngiyayikhumbula leyomihlangano enhla lapho, ukuthi sasiba nayo kanjani. Futhi noma ngabe ngikuphi, ngisakhumbula lemihlangano ethandekayo ngalapha nalabobantu. Futhi ngi...

²⁵³ Umlayezo ofanayo engawushumayela ekuqaleni, ngisenayo into efanayo. Ngisamile ngendlela efanayo. NguNkulunkulu, mngane. Ngeneliseke ngempela ukuthi lendlela kaMoya oNgcwele nguNkulunkulu. Manje, lelo yiQiniso. NgiyaLikhholwa ngenhliziyo yami yonke, manje. Futhi uma thina...

²⁵⁴ Ufanele uneliseke. Uma ungakwenzi, khona-ke awushisekeli.

²⁵⁵ Manje, uma bengingashisekele, noma nginelisekile ukuthi indlela kaMoya oNgcwele yayilungile, Bengisazoba sebandleni leBaptisti, ngoba bayisigejane esihle sabazalwane ngale kulelobandla leBaptisti. Yebo, mnumzane. Labobazalwane beMishini bangabazalwane abalungile, abanye babo. Kodwa ngisabathanda nokho.

²⁵⁶ Futhi nginelisekile ngempela, noma kunjalo, ukuthi, ibandla, sekuyisikhathi sokuba ibandla libhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, lowo nguKristu engena kuwe, Ezenza Aziwe ngezimangaliso. Manje, a—amaBaptisti ayakukholwa lokho futhi, futhi cishe iningi lawo wonke amabandla ngaphandle kweKatolika.

257 IKatholika lithatha lolocwecwana elinoshukela elincane, niyazi, ngokuba, “UNkulunkulu ekulolocwecwana olunoshukela.” Ngobunye ubusuku ngizoshumayela ngalokho, niyazi, *Ubuhedeni Bubhekene NobuKristu*, uma iNkosi ithanda, ngakho-ke, mayelana na “lolucwecwana olunoshukela linguNkulunkulu.”

258 Ngakho-ke, manje, ngi-ngikholwa ukuthi wonke amaProthestani ayakholwa, emnyakazweni omkhulu wevangeli lowo—lowo—lowo ozelwe ngoMoya kaNkulunkulu ngempela, noma unanoma yimuphi uNkulunkulu ngabo, bayazi ukuthi uMoya oNgcwele uyeza, kepha abasho ukuthi Yena, uma Efika, ukuthi... “Washintsha imvelo yakhe,” babonakala benjalo; babonakala becabanga, “Awu, Uyalibekezelela izwe, futhi abantu bangaqhubeka ngqo baphile ngendlela abahlala njalo ngayo, niyazi, vele uye esontweni futhi uzame ukuba umfo olungileyo, wenze okusemandleni akho.” Akusikho, bangane.

259 Uma uMoya oNgcwele engena kuwe, Ukwenza isidalwa esisha. Yebo, mnumzane. Ukwenza isidalwa esisha. Futhi Uzifaka Yena uqobo phakathi kwakho, futhi wena uyisithixo saKhe. Wena, Uphila ngaphakathi kuwe, esebenza, ehamba ngendlela yaKhe kuwe.

260 Manje, ngafunda iTestamente eLidala kuqala, futhi ngabona ukuthi uNkulunkulu wayeyini eTestamenteni eLidala ngalabo baprofethi. Ngiza eTestamenteni eLisha, futhi ngithathe iTestamente eLisha. Ngathola ukuthi, uNkulunkulu ofanayo weTestamente eLidala wayenguNkulunkulu ofanayo futhi weTestamente eLisha.

261 Ngase ngithatha eTestamenteni eLisha, ngehla ngaya ekuhlelweni kwebandla lamaKatolika lasekuqaleni, okwakucishe kube iminyaka engamakhulu amathathu, eMkhandlwini waseNayisiya ngenkathi ababhishobhi bethatha igama likaPapa nebandla lamaRoma, futhi okwathatha uhlangothi lwemfundiso-ke. Futhi iKatolika lobuOrthodox lalikholwa iBhayibheli futhi laqhubeka. Kodwa ibandla lamaRoma lwengamela u—uhlangothi lwemfundiso-ze, futhi basakwenza nanamuhla. Futhi—futhi ngakho-ke, phakathi lapho, balahlekelwa izimangaliso nezibonakaliso. Lokho kwaqhubeka phansi amakhulu eminyaka, kwaze kwaba yinguquko.

262 Kwase kuvela inguquko. Nakho kufika uMartin Luther noJohn Wesley, ngiyakholwa, izingelosi zeminyaka yebandla, njengoba sedlula onyakeni waseFiladelfiya no—nonyaka waseThiyathira.

263 Futhi manje ezansi onyakeni webandla laseLawodikeya. Futhi umbono odabukisa kakhulu kukho konke yilowonyaka webandla laseLawodikeya, ngoba uKristu wakhishelwa ngaphandle kwebandla laKhe, futhi wayengqongqotha, ezama

ukubuyela ngaphakathi kulo. Kunjalo. Yebo. Kunjalo. Ibandla esingena kulo, sizama ukubuya emva kokuba Esekhiswiwe.

²⁶⁴ O, mfowethu, dade, ukuthi Ufuna kanjani ukungena phakathi kwebandla laKhe! Ufuna kanjani ukuhamba phakathi kwabo! Ukuthi Ufuna kanjani ukuziveza Yena uqobo e—emhlabeni! Angakwenza kuphela njengoba Esebenzisa mina nawe.

²⁶⁵ Bazi kanjani ukuthi lowo kwakunguMesiya na? Owesifazane emthonjeni wayazi kanjani ukuthi lowo kwakunguMesiya na? Lapho Emtshela ukuthi wayenamadoda amahlanu. UNathanayeli washo kanjani, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo?” Ngoba Wathi, “Ngakubona usengaphansi komuthi.” Niyabo? Bakwazi kanjalo. Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Lokho yiqiniso. Vele ubuze noma ubani. Bheka eBhayibhelini. Yilokho okuyikho, isibonakaliso sikaMesiya. Manje Yena u . . .

²⁶⁶ Ngidlule kuleli zwe izikhathi eziningi. Futhi a—angiyena uMesiya. Ngi, ngi—ngingu—ngingumfowenu.

²⁶⁷ Kodwa engizama ukukusho, ukuthi, uMesiya, uKristu, uMoya oNgcwele ofanayo owawukuKristu, yilokho okwaMenza uMesiya. UKristu kusho “Ogcotshiweyo.” Wayengumzimba wenyama owakhulelwa esibelethweni sowesifazane.

²⁶⁸ Futhi abanye benu bantu abalungile abayiKatolika nizama ukumenza unkulunkulukazi. Nibonile ukuthi wayengengaphezu kwesifukamelisi esasetshenziswa uNkulunkulu na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngempela akunjalo. Akayona indlovukazi yaseZulwini. Wayengowesifazane uNkulunkulu asanda kumkhetha, lowo wesifazane, ngoba wayehlazekile futhi eyintombi nto, futhi wamsibekela ngoMoya oNgcwele futhi wadala umzimba kuye, ngendalo yaKhe uqobo. Wayengenaso isidoda kukho, nhlobo, lutho nhlobo. Qhabo, impela. Kwakuyi . . .

²⁶⁹ Wayengeyena umJuda noma oweZizwe. WayenguNkulunkulu. Wadalwa esibelethweni. Nalowomzimba ohlanzekile, ongcwele, ongenaso nhlobo isidoda esiphuma esidalweni esingumuntu, kwakuyisitsha esingcwele esingcwelisiwe uJehova ayehlala kuso. Ngakho-ke, uJesu wathi, “AkuMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi. Wenza imisebenzi.” Kunjalo. Wayekwazi ukukhuluma futhi asho amazwi, nokuthi kwakuyini. “AkuMina. NguBaba waMi ohlala kiMi.” Niyabo? Futhi, uBaba waKhe, yingakho Akhuleka kuBaba. Wathi . . .

²⁷⁰ Omunye wangibuza, wathi, “Awu, pho, Wayengakhuleka kanjani kuBaba uma uBaba wayekuYe na?”

²⁷¹ Ngathi, “Ukhuleka kanjani kuBaba uma uBaba ekuwe na?” Niyabo? Nakho-ke. Ukhuleka kuMoya oNgcwele. Ngakho-ke, impela uyakwenza. Niyabo? “UNkulunkulu wayekuKristu

ebuyisana nezwe kuYe uqobo.” UJehova uNkulunkulu omkhulu wayehlala kuKristu. Thina, Kukithi ngesilinganiso. Yena ngaphandle kwesilinganiso, manje. Kodwa, lesi silinganiso esikuYe, iBandla lonke lindawonye eMzimbeni. Niyabo?

²⁷² Manje siyathola, uNkulunkulu ofanayo owayeseTestamenteni eLidala wayeseTestamenteni eLisha. Kwehle njalo kuye eMkhandlwini waseNayisiya, Wayesesebandleni. Futhi lapha siyaMthola, ngezinsuku zokugcina, uNkulunkulu ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, isibonakaliso esifanayo, izimanga ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, ukuzwakalisa okufanayo, into efanayo.

²⁷³ Lalelani. Niyazi ngenza umsebenzi wobuthunywa benkolo. Sengike ngazungeza umhlaba okwangempela cishe izikhathi eziyisikhombisa. Qaphelani. Laphaya emazweni lapho abantu bengazi nokuthi yisiphi isandla sokudla nesobunxele, babengakwazi ukukhuluma nelilodwa igama lanoma yiluphi uhlobo lwesiNgisi. Abanye babo, abanalo ngisho ulwimi lwesigodi. Bona—bona abanayo imisho noma lutho. Bavele benze uhlobo oluthile lomsindo onqamulayo njengezinyoni. Abanye babo benza umsindo onqamulayo njengezilwane abazizwa emahlathini; ukutshwekeza, ukugobhoza, benze zonke izinhlobo zomsindo. Angikaze ngizwe into enjengoJesu Kristu nanoma yini enye. Kodwa, mfowethu, uMoya oNgcwele mawuwele phezu kwabo, benza into efanayo oyenzayo khona lapha. Kunjalo. Kulungile. Benza into efanayo oyenzayo khona lapha eTempe, lokho kunjalo impela, ngaphandle kokubatshele lutho ngakho. Qhabo, mnumzane. Into kuphela, uMoya oNgcwele uyakwenza. Benza into efanayo oyenzayo. NguMoya oNgcwele, mfowethu.

²⁷⁴ Yena unguNkulunkulu eJalimane. UnguNkulunkulu eSwitzerland. UnguNkulunkulu e-Arizona. UnguNkulunkulu yonke indawo. UnguNkulunkulu ophahleni lwendlu. UnguNkulunkulu endlini engaphansi yamawayini. UnguNkulunkulu ebandleni. UnguNkulunkulu kuwe. Amen. Yebo, mnumzane. NgiaMkholwa. Lonke iZwi Alikhuluma lingu ISHO KANJE INKOSI. Ngiyakholwa ukuthi leliBhayibheli liyiQiniso. Amen. Nikukholwa kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁷⁵ Ngabe bebhona abantu abagulayo phakathi lapha ukuba bakhulekelwe na? Phakamisani izandla zenu. Izolo ebusuku sibe nomugqa omncane womkhuleko owenziwe. Kulungile. Manje, angizanga ebandleni ngalesisikhathi... Angifikanga, niyazi, nginikezela amakhadi omkhuleko, futhi—futhi ngikhuphula abantu, futhi mhlawumbe ngithole isithupha noma isikhombisa, ishumi, kumbe enye into efana naleyo, futhi ngibe buthakathaka kakhulu bacishe bangithwale bangikhiphele ngaphandle. Ngiyafika nje, ngikhuleka, ngibeka izandla phezu kwabagulayo, nezinto ezinjalo, ngiqhubeka.

276 Kusobala, kungenziwa ngenye indlela. Lokho kulele nje kubantu, niyabo, noma phezulu kukaNkulunkulu, njalo, noma yini uNkulunkulu afuna ukuyenza. Kodwa UnguNkulunkulu, angikhathali ukuthi kukuphi, izinto ezilula nje.

277 Mfowethu Welch, ngenkathi leyonyoka ikuluma, kwakungekho mbono ngalokho. Wawukhona na? Vele ubeke izandla phezu kwakhe. Kwaba yilokho kuphela. Isizathu, UnguNkulunkulu.

278 Ngobunye ubusuku, noma enye yezindawo zokudla kwasekuseni ndawo ndawo, Ngifuna ukunitshela, kukhona okwenzeka nje emavikini ambalwa edlule, selokhu ngalahlekelwa umama. Futhi ngikhuleka, ngiya emahlathini, futhi ngigqoka nje izingubo zangaphansi ezivalekile, ukungena emhumeni ngezikhathi zasebusika, isimo sezulu esinguziro phandle lapho, futhi ngaphandle lapho izinsuku ngezinsuku, nobusuku ngemva kobusuku, ephila phambi kukaNkulunkulu, waze Wehla futhi wakhuluma kimi, yebo, mnumzane, futhi ngiqinisekile ukuthi ngangiqinisekile. Kufanele kube njalo. Ngifanele ngiqiniseke ngalokho engikhuluma ngakho, ngoba nginemiphefumulo ekholelwa kimi. Futhi nginemiphefumulo ekholwa ukuthi ngibatshela iQiniso, ukuthi uNkulunkulu wangithuma, futhi uNkulunkulu ubophezelekile ukuma emva kweZwi laKhe futhi akusekele lokho. Futhi Uzokwenza. Yebo, mnumzane. Uma Ekuthumela, Uzoqinisekisa ukuthi Ukuthumile. Impela nje. Amen. Ngiyakukholwa lokho. Awukukholwa wena na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen.

279 Ngi—ngiyazi Ulapha manje. Amen. Futhi kukhona nje okuvele kuthululeke phezu kwami wonke khona manje. Ngi—ngiyazi ukuthi sihlezi kulobubusuku ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen.

280 Ngizoshintsha umqondo wami. Angiwuguquli umqondo wami, kodwa uNkulunkulu uwuguqulele mina. Amen.

281 Angimboni umuntu engimaziyo phakathi lapha, ngaphandle uma kungaba lelinenekazi elihlezi khona lapha. Lelinenekazi lapho, ngikhulwa ukuthi likhulekelwe izolo ebusuku. Bonke abagulayo, phakamisa isandla sakho. Bonke abangangazi, futhi abaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, ngiqonde ukuthi, phakamisa isandla sakho. Kulungile, yonke indawo nje, ngiqagele. Kulungile. Uma uNkulunkulu, lowoNkulunkulu ofanayo. . . Amen.

282 Nansi inselele. Buka lapho, abantu ongabazi, ongakaze ubabone. Uma ugula, uNkulunkulu uyazi ukuthi uyagula. Uma inhliziyo yakho iphukile, Uyazi ukuthi inhliziyo yakho yephukile. Uma wonile, Uyazi ukuthi wonile. Khuluma ngesimangaliso!

283 Manje, kuyothatha amandla kaNkulunkulu uSomandla ukwehla nokufakazisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo obehlezi ekhona, futhi elokhu enguNkulunkulu. Uma Ezokwenza lokho okungenani kathathu kulesi sakhiwo njengamanje, kabili noma kathathu, njenge—njengesiqinisekiso. Anga—angazi noma Uzokwenza noma qha. Kodwa mina nje . . .

284 Ngibona lelowashi lifinyelela ekugamanxeni kwelesishiyagalolunye. Ngiyazi, umugqa womkhuleko nalabobantu abaningi, ungasiqhubela phezulu lapha kuze kuyoshaya cishe ligamenxe eleshumi nanye. Futhi ngiyazi uMfowethu Norman ushayela njalo le ezansi ngaleya, amamayela ayikhulu nento ethize eya eTucson; abehlukene. Futhi kusasa ebusuku, nginezinkonzo eziyishumi noma eziyishumi nambili okwamanje, mhlawumbe ishumi nanhlanu ukushumayela. Mina nje . . .

285 Ngiyakukholwa lokho khona manje, uma uzokukholwa nami, ukuthi sisezindaweni zaseZulwini. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngi . . . Ake ngibuze, futhi ngifakazise kini, ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu kakhulu impela nje khona lapha kulesi sakhiwo kulobubusuku, njengoba Wayenjalo ngenkathi yena, u-Abrahama, ekhuluma naYe ezansi lapho kulowomzimba wenyama.

Khumbulani, leyonyama, angazi ukuthi yayiyini.

286 Bathi, “Umzimbamoya.” Abefundisi bazama ukuthi kwakuwumzimbamoya. Kodwa umzimbamoya uwadla kanjani amaqatha enyama yenkonyane na? Qhabo, mnumzane. Umzimbamoya awudli.

287 WayenguMuntu emzimbeni wenyama, kodwa nokho kwakunguNkulunkulu. Kwakuwuphawu lwani na? Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti noNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu,” ukuthi uNkulunkulu wayezokwehla angene enyameni yomuntu futhi Azazise, njengoba Enza nje emuva lapho. Lokho kwakuyi, khumbulani, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina esanikwa ngaphambi kokuwa komlilo futhi wabhuhisa iSodoma neGomora.

288 Nalelizwe namuhla, nalesisizwe, nalababantu, selifana neSodoma lesimanje. Kunjalo. Futhi Wathini na? “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo; ukudla, ukuphuza, ukuganiselana.”

289 “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti.” Kwenzekani ngenkathi uLoti, ezinsukwini zikaLoti na? Kwenzekeni na? Bheka. INgelosi yehla, noma iziNgelosi esimweni somuntu. Futhi loMuntu, nowaKhe . . . Engamazi u-Abrahama, wamtshela ngezimo zakhe, nangoSara, nokuthi kwakuzokwenzekani, nakho konke ngakho. Futhi lapho bathola, khona-ke, ukuthi u-Abrahama wayenelisekile ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu,

futhi waqala ukuncengela umfowabo. Kunjalo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu wakuthembisa.

²⁹⁰ Akunandaba, awufanele ube yisonto elikhulu. Awumele ube i—izinkulungwane emkhankasweni lapho. “Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiphakathi kwabo,” uma uNkulunkulu ezokufakazisa kulobubusuku, angahlukanisa imicabango yakho.

²⁹¹ Futhi i—i—iBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko 4. Lalelisisani. “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili, lihlaba lize lahlukhanise umnkantsha wethambo.” Ngabe kunjalo na? “Futhi ngisho uMahluleli wemicabango yengqondo.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁹² Liyini iZwi likaNkulunkulu na? “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu.” Ngokuphila kwaKhe okulungileyo nomzimba waKhe ongcwelisiwe, iGazi laKhe elimsulwa elingangcolisiwe, Walinikela ngesihle ngenxa yethu izoni ezingcolile. Futhi ngalokho, uNkulunkulu wathatha umhlatsshelo waKhe futhi wangcwelisa iBandla, ukuze Abuwisele uMoya waKhe oNgcwele ukuqhuba imisebenzi eyenziwa nguJesu. “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁹³ Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu ezelwe yintombi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uyakukholwa ukuthi iGazi laKhe—laKhe elingcwele alibanga ngomuntu na? [“Amen.”] Ukuthi siyazi ukuthi ingqamuzana legazi livela ebulilini bowesilisa, futhi ngalendlela kwakunguNkulunkulu yedwa Owadala iGazi futhi wazala iNdodana uKristu Jesu. Futhi WayeyiNdodana kaJehova uNkulunkulu. [“Amen.”] UNkulunkulu wayehlala kuYe. Kwase kuthi-ke ngenkathi Enikela ngokuPhila kwaKhe, isihlengo esihlahleni, futhi Wageza isoni esizokholwa kuYe, futhi waMthatha, futhi ukuhlawulela kwezono zethu kwenziwe, futhi usigezile ngamanzi eZwi futhi wasihlanza, futhi manje sesingcwelisiwe. Hhayi ukulunga kwethu, kodwa isihawu saKhe, ukuze uMoya oNgcwele uqhubeze umsebenzi eBandleni, kwehle kudabule kuwo wonke unyaka, ukumemezela “uJesu Kristu onguye izola, namuhla, naphakade.” Amen.

²⁹⁴ Lokho kwadlula izinto ezintathu ngaleso sikhathi, “izolo, namuhla, naphakade,” imigqa emithathu yebandla. Amen. Ake uNkulunkulu abize kuyo yomithathu imigqa-ke. Nizokukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhuleke.

²⁹⁵ Baba waseZulwini, Nguwe kuphela ongenza lokhu, kodwa ukuze lababantu bazi, Nkosi, ukuthi ihora seliseduze. Singase

singaphili kuze kube sekuseni. Asazi ngalokho. Kodwa sifanele sihlangane naWe. Siqinisekile ngalokho. “Ngokuba umuntu umelwe ukufa kuqala, futhi emva kwalokhu ukwahlulelwa.” Sifanele sihlangane noNkulunkulu ndawo ndawo.

²⁹⁶ Futhi, Baba Nkulunkulu, ngifundisile kulobubusuku ukuthi UsenguNkulunkulu ofanayo. Futhi abantu, Nkosi, ngethemba ukuthi Uzozenza Wena uqobo uphatheke kakhulu, ngalendlela, Baba.

²⁹⁷ Bona, bakuzwile ukushumayela. Sinabanye babefundisi abahle kunabo bonke, ngiyakholwa, Baba, okhona emhlabeni, ohlala kulelizwe, futhi abangcwele ngempela, amadoda azinikele enkonzweni kaNkulunkulu, kulamabandla amahle kulo lonke leli, lelizwe lapha. Ngiyakukholwa lokho. Bangabafowethu. Futhi ngiza, Nkosi, phakathi kwabo, ngisho njengesihambi ngolunye usuku, futhi bangemukela. Futhi bangeningisile, futhi ba—bayangithanda.

²⁹⁸ Futhi—futhi, nokho, izikhathi eziningi lapho ngangifanele ngithethise futhi ngisho izinto. Ubabone kwesinye isikhathi behambisana nenhlangano ethile, amahlelo ebasusa endleleni yezinyawo eshayiwe, ngase-ke ngiyabathethisa. Futhi noma kunjalo basemnandi kakhulu, futhi bayangithanda, khona-ke ngiyazi ukuthi bayizinceku zaKho, Baba. Futhi bayazi ukuthi angikwenzi lokho ukuze ngibe mubi; Nkosi, Ubungasoze wasebenzana nomuntu onjalo. Manje, Baba, ukwazi ukuthi, indlela ebuyela emuva, ingobungcwele, nangokungeweliswa kukaMoya, nangokwehlukanisela izimpilo. Makuthi abantu. . .

²⁹⁹ Kungahle kube nezihambi lapha kulobubusuku. Kungase kube khona amaPresbyterian, amaMethodisti, iKatolika, i—i—iqembu elinathi kulobubusuku. Kungenzeka kube nalabo abangakholwa. Bese kuthi-ke, Baba, ukushumayela iZwi nje, banelungelo lokuhamba, mhlawumbe, futhi bathi, “Umelusi wami ufundisa umehluko. Umpristi wami usho okuhlukile.”

³⁰⁰ Kodwa, Nkosi, ngenkathi bazi ukuthi iBhayibheli. . . Wonke amahlelo ayazi ukuthi amaHeberu 13:8 athi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Manje, Wena, Nkosi, ukuthi. . .

³⁰¹ Owesifazane omncane wathinta ingubo yaKho ngolunye usuku, ecindezela esixukwini, futhi Wena waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na?” Futhi wonke umuntu wakuphika. Kodwa lawomandla amakhulu kaNkulunkulu ayekuWe, ukugcwala kukaNkulunkulu, Waqalaza ezethamelini waze Wathola owesifazane omncane owayenomopho. Futhi ngenkathi Umtshela ngakho, ukopha kwakhe kwaphela. Kwama.

³⁰² UnguNkulunkulu ofanayo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, kulobubusuku, ukuthi Uzongcwelisa lamakholwa aphakathi lapha agulayo. Okungenani oyedwa, noma oyedwa ohlwini ngalunye, noma ngaphezulu, Nkosi, ngaphesheya, emuva, ngemuva, omi ngaphandle, noma ngabe kukuphi, ukuthi

umuntu othile uzobona, ngale kwethunzi lokungabaza, ukuthi, “Leli yiQiniso. UMoya oNgcwele uqinisile. Futhi iBhayibheli liqinisile. NoJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Ngicela lesisibusiso eGameni likaJesu Kristu, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

³⁰³ Manje, kulesi izethameli ezincane ezilindile, Ngifuna nikhuleke umzuzwana nje, ezinhliziyweni zenu, futhi ngifuna nibuke ngapha. Ngifuna ukholwe ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uNkulunkulu usesakhiweni. Manje, UkuMoya. Sonke siyakwazi lokho. “UNkulunkulu ungu...” [Ibandla lithi, “Moya.”—Umhl.] “Futhi abakhuleka kuYe bafanele ukukhuleka kuYe ngoMoya nangeQiniso.” Manje, liyini iQiniso na? UKristu, iZwi. IZwi liyiQiniso. UMoya unguMoya oNgcwele. IZwi liyiQiniso. NoMoya oNgcwele ubamba iZwi lesithembiso futhi ulenze lifezeke. Niyabo? “Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ekini, noma yisiphi isethembiso phakathi Lapho singesenu-ke. Niyabo? Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini,” khona-ke akunina. YiZwi lesethembiso elikwenzayo. Niyakubona na? Ngethemba ukuthi niyakwenza, bantwana. Busisa inhliziyo yakho.

³⁰⁴ Ngolunye lwalezi zinsuku sizoba nentshumayelo yethu yokugcina ezansi lapha. Ingabe niyakwazi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke sizokwenyukela phezulu.

³⁰⁵ Futhi wena yithi nje, “Baba Nkulunkulu, uMfowethu Branham akazi lutho ngami.” Mhlawumbe awungazi nokungazi. Noma yikuphi, akunandaba ukuthi ukuphi, ndawo ndawo nje esakhiweni. Niyabo? Nje yithi, “Baba, Nkulunkulu, akazi lutho ngami, kodwa makakhulume kimi futhi angitshela ukuthi iyini inkathazo yami, noma into efana naleyo, futhi ngizo—ngizoKukholwa. NgizoKukholwa, ngoba iZwi, khona-ke ngiyazi, liyinyama; naye kanye nami, ndawonye, nokuxhumana noNkulunkulu, uMoya oNgcwele ulapha. Akakwenze.”

³⁰⁶ Lelonenekazi elibeke izandla zalo emathangeni alo, kanjalo, labheka phezulu lathi, “Yebo,” khona lapho nje, njengoba linqekuzisa ikhanda lalo. Likukholiwe. Usho into efanele nje.

³⁰⁷ Kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi, owesifazane waseSirofenike. WayengoweZizwe. Weza eNkosini uJesu, futhi wathi, “Nkosi, Wena Ndodana kaDavide, hawukela indodakazi yami.” Manje, Wayengesiyi iNdodana kaDavide kuye. WayengoweZizwe, niyabo, ngakho-ke Waqhubeka sengathi Akazange amqaphele. Futhi wakhala emva kwaKhe.

³⁰⁸ Futhi ekugcineni Waphenduka, wathi, “Akulungile ukuba Mina ngithathe isinkwa sabantwana ngisinike izinja.”

³⁰⁹ O, ngabe lokho kwenza abanye bethu abazibiza ngamaKristu bakhuphuke ngakho ngempela, asibize ngenja! Akakaze. Wayazi ukuthi kwakuyiqiniso lelo.

310 Wathi, “Lokho kuyiqiniso, Nkosi. Kodwa abantwana... Kodwa izinja zidla imvuthuluka ngaphansi kwetafula labaninizo.”

Wathi, “Ngenxa yalelizwi, ngoba ukushilo.”

311 Umfutho wegazi ophezulu onawo kanye nenkathazo yenhliziyi, uma uzokukholwa ngenhliziyi yakho yonke, kuzokushiya. Uzokwamukela na? Niyabo? Kwakuyinkinga yakho leyo, kwakungesiyo na? Iqiniso. Kholwa nje!...?... Uyakholwa. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Uyisihambi.

312 Lapha, ake sibone omunye. Khona ngaleya ukusuka kuye, owesifazane omncane ogqoke ingubo ebukeya iluhlaza satshani. Uma uNkulunkulu engamsizi lowo wesifazane, uzodingeka ahlinzwe isimila. Kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Angikaze ngimbone empilweni yami, kodwa unesimila. Ubuthakathaka nokudabuka kwenhliziyi yakhe! Uma uzokholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uyakwenza lokho kuhlinzwa futhi akususe kuwe, ngaphandle kokuhlinzwa kwesandla somuntu semvelo, ungaba nakho okucelayo.

313 Ingabe unelisekile na? Uyakholwa na? Omunye umuntu esakhiweni, khuleka, kholwa ngenhliziyi yakho yonke.

314 Nali inenekazi elincane lihlezi khona lapha, likhuleka. Lifake ijakhethe ebomvu ebukeya iyisikoshi. Liyagula futhi libuthakathaka. Usanda kuvuka kwinyumoniya. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphulukisa, nenekazi na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho phezulu le, bese uthi, “Ngiyakwamukela.”

315 Ohlezi eduze kwakhe impela, indoda lapho enenkathazo yeqolo, uyakholwa ukuthi Uzokusindisa, mnumzane na? Khona-ke phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyakwamukela.”

Uyakholwa na? Ingabe unelisekile na? Khona-ke shisekela.

316 Emuva le ngasemuva, omncane, owesifazane onekhanda elimpunga ehlezi emuva lapho efake isikhafu esincane entanyeni yakhe, unesifo samathambo ezandleni zakhe. Sekuyisikhathi eside ekhulekelela lokho ukuba kuphulukiswe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, nenekazi na? Ohlezi khona *lapho*, khona ezansi ngqo *lapha*. Uyakhukholwa, ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isifo sakho samathambo na? Ungaba nakho okucelile, uma uzokukholwa.

317 Indoda eseduze kwakho lapho, enenkathazo yendlala, uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, ungaphulukiswa. Uyakhukholwa, mnumzane na? Ubuzama ukumenza ukuba akukholwe, futhi awukwazanga ukumenza akubone. Kodwa uNkulunkulu wakuphulukisa enkathazweni yakho yendlala yesinye ngenkathi Edlula ngakuye. Manje wamukela

ukuphiliswa kwakho. UNkulunkulu akubusise. Sekuphelile. Sekuhambile.

318 Nakho la okhona. E-hhe. Uyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ingabe unelisekile na? [“Amen.”] Khonake masishisekele. Ingabe nonke niyashisekela na? [“Amen.”] Bangaki abashisekelayo phakathi lapha na? [“Amen.”]

319 Ingabe sikhona isoni esikhona na? Ingabe uyashisekela ngendawo oya kuyo na? Ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo. Ingabe uyashisekela ngendawo oya kuyo na? Uma ushisekela ngendawo oya kuyo, kungani ungakhuphukeli lapha futhi wamukele uKristu, lapho useBukhloneni baKhe ngqo lapha emsamo. Khuphuka lapha. Vele ukhuphuke. Noma yimuphi umuntu o—oshisekelayo futhi owaziyo ukuthi abalungile kuNkulunkulu, Ngiyanicela kulobubusuku ukuba nenyukele lapha ngqo e-altare, futhi nimele lapha umkhuleko. Ngaphakathi noma ngaphandle, akunandaba ukuthi ukuphi, khuphukela lapha. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Yileyo ndlela yokwenza. Ingabe ukhona omunye oshisekelayo ngokuthi uyaphi na? Uma ungaqinisekile ukuthi uqinisekile, futhi uyashisekela, woza.

320 Ingabe unelisekile ukuthi kunguKristu na? Unelisekile ukuthi—ukuthi mina, indoda, bengingenze lezo zinto na? Ingabe unelisekile yini ukuthi uNkulunkulu uthembise ukukwenza ngezinsuku zokugcina na? Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Uneli- . . . Ingabe unelisekile ngakho na?

321 Ngibone enye into eyenzekayo ngaleso sikhathi nje. Makabongwe uNkulunkulu! Bazokuthola. E-hhe. Kulungile. Manje, makabongwe uNkulunkulu! Kuhle kakhulu lokho. Amen. Uma u . . . O!

322 Ingabe unelisekile, unjalo na? Ingabe ngempela uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Umuntu othile lapha ongenaso isiqiniseko sokuthi ulungile yini noNkulunkulu, noma qha, ngeke uze ume lapha ukuze uthole izwi lomkhuleko umzuzwana nje? Woza ngqo phezulu. Manje uma wena u . . . Noma, awunelisekile ukuthi ulungile ngokuqinisekile?

323 Abanye benu besifazane abasazisho ukuthi banoMoya oNgwele, futhi benezinwele ezimfishane, niqonde ukungitshela, ngakho konke lokhu kushumayela, awukaneliseki lapho iBhayibheli lasho ukuthi kwenzani ngowesifazane onezinwele ezimfishane na? Hhe? Futhi ugqoke futhi wenze . . . Abanye benu madoda enisabhema futhi niqhubeke na? Abanye benu besifazane enigqoka lezizingubo, noNkulunkulu wathi kuyisinengiso kuYe na?

324 Wena uthi, “Inyama ayenzi mehluko.” Manje-ke kungani uNkulunkulu avusa inyama kaKristu na? Kungani sifanele

siphile ngobungwele, uma kungasho lutho na? Khona, impela, kuyobuya futhi, ukuvuka. Kulungile.

³²⁵ Uyakholwa ukuthi lokhu nguMoya kaNkulunkulu, khonake Uyakulahla. Kunjalo. Futhi uzolahlwa kanjani na? “Onecala lokuncane unecala kukho konke.” Uyakwazi ukwenza kangcono.

³²⁶ Omunye washo, njengoba ngiphawulile izolo ebusuku. Omunye uthe kimi, “Mfowethu Branham, kungani ungabayeki labo besifazane na? Yeka lawomadoda. Yeka ukwenza lokho.” Wathi, “Wena u . . . Abantu bacabanga ukuthi ungumprofethi.”

Ngathi, “Angiyena umprofethi.”

³²⁷ Wathi, “Abantu bathi unguye, nokho. Kungani ungabafundisi ukuthi bazamukele kanjani iziphiwo zokomoya na?”

³²⁸ Ngathi, “Ngingabafundisa kanjani ongwaqa kuyilapho bengabazi ngisho o-ABC babo na? Abanakho ukuhlonipha okujwayelekile ngokwanele ukuba bazihlanze futhi benze njengamaKristu. Uzobatshela kanjani izinto zikamoya ngezinto zaseZulwini na?” Kunjalo.

³²⁹ Ibandla lePentecostal maliziqondise, lilunge noNkulunkulu, futhi ngizofakazisa kini ukuthi uMoya oNgcwele uzongena ngqo. Ngani, leli, ibandla, liyogcwala kakhulu amandla kaMoya oNgcwele, angeke kwabakhona nelilodwa ilungu elenza isono esisodwa. UMoya oNgcwele uzokubiza khona lapho, njengo-Ananiya noSafira. Kunjalo. Kodwa awukwazi ukukwenza, lapho ungeke uthathe ngisho nokuqeqeshwa kwakho kwasenkulisa. Ngempela akunjalo.

³³⁰ Khuphukani, i-altare, njengoba kwenza laba besifazane. Awusho, uqonde ukuthi kunabesifazane ababili kuphela kulesi sigejane na? Khumbula, kusemathangeni akho, futhi kusezandleni zakho, futhi awusoze wakugeza kusuke.

³³¹ Asikhothamise amakhanda ethu. Wozani phambili manje, njengoba sikholwa manje kuYe, njengoba sikhuleka.

³³² Umele insindiso, nawe, ndodana na? Mayibusiswe inhliziyi yakho, ndodana. Yima khona lapho.

³³³ Manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, baletha elinye inenekazi okungenzeka lingakwazi ukuhamba, noma okuthize, likhuphukela ukwamukela insindiso yalo uqobo. Manje sizokuvumela . . . Kulungile lokho, myeke ame khona lapho. Lokho kulungile, sisi. Awudingi ukuhamba, ukuze ukwenze. Yena uzofika esihlalweni lapho ukhona. Asi . . . Ufuna nje ukwenza . . .

³³⁴ Manje, uma owesifazane, ongakwazi ukuhamba neze, futhi bayayaluzwa, unlisekile ukuthi into ilungile, futhi ulungele ukuza futhi aphenduke kulokho akwenzile okungalungile, kuthiwani ngani besifazane, lokho, namadoda futhi,

eningakwazi ukuma ngezinyawo zenu futhi nihambe kahle na? Kuyophakama ngoSuku lokwaHlulela.

³³⁵ Ngoba nje sigqoka igama elithi Pentecost, lokho akusho lutho. Ufanele uzalwe ngokusha. Uma uzalwa ngokusha, uhamba ekuKhanyeni kweBhayibheli. Wenza lokho iBhayibheli elikushoyo. Amen.

Asikhuleke manje.

³³⁶ Baba waseZulwini, uBukhona baKho bulapha, futhi, o, kusenxa sikhulume ngesibindi kanjani uma uBukhona baKho bulapha, ngoba siyazi ukuthi akusithina esikhulumayo ngalesosikhathi. NguMoya oNgcwele. Futhi, O Baba, kubuhlungu kanjani ngezinye izikhathi ukuzwa izwi lakho—lakho siqu lisho izinto obungeke neze uzisho, nhlobo. Kodwake, umuntu angangabaza kanjani ukuthi kunguMoya oNgcwele, emva kokuba beMbonile enza imisebenzi Ayenza ngenkathi Elapha emzimbeni weNkosi uJesu, futhi wasishiyela isithembiso sokuthi Uyokwenza imisebenzi efanayo ngathi, izinceku zaKhe na?

³³⁷ Futhi manje, Baba, siyabonga ngaYe ngoba Uza ukuzosola izwe ngesono. Isono ukungakholwa. Labo abathi ngeke kwenzeke, nokho kufakazela ukuthi kuyenziwa. Futhi erikhodini lesayense namhlanje, siyazi ukuthi Uzibonakalisile Wena uqobo ukuba nathi, ngobufakazi obuningi obungenaphutha.

³³⁸ Nakhu kumi lababantu bemi bezungeze i-altare kulobubusuku, emva kokwenza lolubizo nokushumayela loMlayezo, wokuneliseka bese-ke uyashisekela. Bayaqonda ukuthi impilo yabo ibingajulile, futhi bona—bona abakwazanga ukwenza izinto aba—abebefuna ukuzenza. Futhi bayaqonda ukuthi akukho cala elibekwe kuWe, kodwa bayaliqaphela iphutha elibekwe kubo uqobo. Ngakho-ke bayeza kulobubusuku, Nkosi, ukuzovuma ukuthi banephutha.

³³⁹ Abanye balaba besifazane abancane nezinwele zabo eziphunguliwe, bemi phezulu lapha, njengoba benzile izolo ebusuku, bazi ukuthi lelo yiqiniso. IBhayibheli lasho njalo. Kuyinto engahloniphekile. “Akuyona into evamile ukuba owesifazane akhuleke enezinwele zakhe njengesembozo sakhe, nesembozo sakhe sigundiwe na? Uhlazisa ikhanda lakhe.” Yeka ukuthi lokho kuyimfundiso yobuKristu kanjani! Nomfundisi omkhulu owasifundisa lokho, uPawulu, washo kwabaseGalathiya 1:8, “Uma iNgelosi evela eZulwini ifika, ishukumayela noma iyiphi enye into ngaphandle kwalokho esengivele ngikufundisile, mayibe ngeqalekisiweyo.” Siyazi ukuthi kuyiQiniso.

³⁴⁰ Futhi, Baba, lababefundisi abaligugu bebizela phandle lokho, ihora ngehora, ihora ngehora, ibandla lisantengantenga. Ukuthi izinhliziyi zabo zilangazelela kanjani ukubona ibandla

labo lonke ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, nanjengabesilisa nabesifazane abesaba uNkulunkulu behlezi lapho. NoMoya unamandla kakhulu, endaweni, kwaze kubizwe sonke isono ebandleni, izimangaliso ezinkulu nezibonakaliso zenzeka njengoba kwenzeka ezinsukwini zakuqala.

³⁴¹ Futhi, Baba, khona-ke sisuka endaweni siye kwenye, sinikeza ubufakazi bethu ngabafowethu. Futhi babona uMoya oNgcwele uhamba emisebenzini eyehlukene, futhi bayazi ukuthi nguNkulunkulu, khona-ke bamile belahliwe. Futhi wathi, Nkosi, “Izono zabanye abantu zihamba phambi kwabo; abanye bayalandela.” Bavuma ezabo kulobubusuku, Nkosi, ukuthi kuzohamba phambi kwabo. Ngikhulekela ukuthi Ubasize, ngamunye wabo, Nkosi. Futhi manje ekwahlukaniseleni izinhliziyiyo zabo kuWe, baKunika izinhliziyiyo zabo, izimpilo zabo, ngenjongo yokukhonza. Yini enye abangayenza, Nkosi na?

³⁴² Manje kwangathi uMoya oNgcwele, Owaletha ukulahlwa icala ngakho, ngeZwi laKhe nangoBukhona baKhe, ukuqinisa iZwi laKhe, ukuLenza libe yiQiniso ngempela, kwangathi Angabanika isabelo esingcwelisayo esizobanika ukufisa kwenhliziyiyo yabo, ukuze bakukhonze Wena. Siphe khona, Nkosi.

³⁴³ Omunye umphefumulo oyigugu lapho washo ukuthi isitha sasi. . .Wayezama nje ukusindiswa futhi alunge, futhi isitha sasilokhu simenza akhulume amazwi amabi ngokumelene noNkulunkulu, noma imicabango emibi ngokumelene naYe. Ngiyakhuleka, Baba, manje njengenceku yaKho.

³⁴⁴ Ngiyamkhuza lowo develi. Suka kulowo wesifazane. Myeke. Sengathi uNkulunkulu waseZulwini angamgcwalisa ngoMoya oNgcwele. Futhi, Sathane, awusakwazi ukumbopha. Mkhulule. Myeke ahambe, eGameni likaJesu Kristu.

³⁴⁵ Lelibandla, iBandla elingwele likaNkulunkulu, likhuleka nganhliziyonye, ukuthi lowodeveli akayikuphinde abuyele kuye futhi. Kwangathi angahamba manje ekuthuleni kukaNkulunkulu, ngeGama likaJesu Kristu. Sehlukanisela lokhu kuWe, Baba, ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

³⁴⁶ Manje, ngale kwethunzi elilodwa lokungabaza ezinhliziyweni nasezingqondweni zenu, manje phezu kwesisekelo sokuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, futhi nize ukuzokwahlukanisela izimpilo zenu, futhi nikholwa ngayo yonke inhliziyiyo yenu, omi kuleli altare kulobubusuku, utshela uNkulunkulu ukuthi uyaxolisa ngalokho okwenzile, ukuthi uzophila impilo ehlukile kulokhu kuqhubeka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wakho, futhi uzokwazi ukukwenza na? Phakamisela isandla sakho kuYe, uthi, “Ngiyakwemukela, Nkosi yami.” Amen.

³⁴⁷ UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Manje ningaya ezihlalweni zenu futhi nazi ukuthi konke sekuphelile.

Ngiyakukholwa. Niyakukholwa, wonke umuntu phakathi lapho na? [Labo abeza ngaphambili bathi, “Amen.”—Umhl.]

³⁴⁸ Manje, bangaki kini phandle lapho abagulayo, futhi ongatholanga. . . ukuthi uMoya oNgcwele akakaze. . . Isizathu, ngibone ezine noma ezinhlanu. Kungukuthi, kakade, sekuthe ukusuka kimi manje, lokho kona okufihlakeleyo. Kodwa ngikubonile, omunye emuva phakathi *lapha*, noma, bese kuthi-ke emuva ngemuva, emi emuva lapho. Kodwa angikhumbuli ukuthi bekuyini. Lokho kuKhanya bekuphezu kwabo. Ngikubonile okwenzekayo. Kodwa uMoya oNgcwele ulapha, bangane. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁴⁹ Manje, bangaki lapha abanombhaphathizo kaMoya na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. IBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Nizobeka izandla zenu phezu komunye nomunye na? Ake nginikhulekele, emsamo lapha.

³⁵⁰ Ngakho-ke, yihora leshumi nqo manje, imizuzu emihlanu ngaphambi kweleshumi. Ingabe inkonzo elandelayo imenyazelwe na? Ubuyoba kuphi wena. . . [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye emsamo—Umhl.]

³⁵¹ [Udade uthi, “Mfowethu Branham?”—Umhl.] Yebo, s’thandwa. [Udade ukhuluma kuMfowethu Branham.] Impela.

³⁵² EGameni likaJesu, kwangathi angahamba futhi aphulukiswe kulesi siffuba somoya, futhi kwangathi singephinde simkhathaze. Amen.

³⁵³ Mayibusiswe inhliziyo yakho. Ngiyazi ukuthi kuzokushiya, futhi uzoba ekahle, eqinile, indoda enempilo.

³⁵⁴ Nkulunkulu Somandla, singabantwana baKho, ngokukholwa kuKristu Jesu. Singamalungu oMzimba kaKristu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Singabagogobali lapha emhlabeni, abahambi, sazi ukuthi iZulu yikhaya lethu, futhi lena akusiyi indawo yethu yokuhlala lapha, ngakho-ke sibheka ezintweni ezaPhezulu. Manje, siyakholwa ukuthi sisezindaweni zaseZulwini kuKristu. Makuthi amandla kaNkulunkulu uSomandla ahlale phezu kwalesi sakhiwo, futhi angene kuyo yonke inhliziyo.

³⁵⁵ Sathane, siyakuyala ngoJesu Kristu, uNkulunkulu ophilayo, ukuthi ushiye lababantu. Phuma kubo, Sathane, futhi usuke kubo, ukuze baphiliswe ngeGama likaJesu Kristu.

(Eyodwa nje.)

³⁵⁶ Bangaki abakukholwayo na? Bangaki abanelisekile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki abashisekelayo na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyashisekela. Ngenelisekile ukuthi leli iQiniso. Ukuthi, manje ngenelisekile ukuthi ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe. Manje nginelisekile ukuthi

umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uqinisile. Manje nginelisekile ukuthi uJesu Kristu uphakathi kwethu.”

³⁵⁷ Wathini uJohane na? “Kukhona Omi phakathi kwenu, Omi phakathi kwenu, Eningamazi.”


³⁵⁸ Ngizofanele ngiguqule leyongxenye yakho kulobubusuku, futhi ngithi kukhona Omi phakathi kwenu, Eningamboni. Lowo nguMoya oNgcwele. UnguYe, amen, owenza zonke izithembiso zibe yiqiniso. Niyakukholwa ngenhliziyo yenu nonke, umphefumulo wakho wonke, ingqondo yakho yonke na? Sukuma ume ngezinyawo zakho futhi ukwemukele-ke, njengokuphulukiswa kwakho, njengensindiso yakho, noma ungahle ube yini.

³⁵⁹ Khumbulani inkonzo elandelayo, kusasa ebusuku, isebandleni likaMfowethu Outlaw. UMfowethu Outlaw, ezansi ePhoenix, kusasa ebusuku.

³⁶⁰ Asiphakamise izandla zethu manje futhi sicule leliculo kuNkulunkulu, angazi noma ngingaliqala noma qha, “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda Ngoba Wang’thanda kuqala.” Sonke kanye kanye:

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
Emthini waseKalvari.

³⁶¹ Manje, nina enifika futhi nilandele izinkonzo, kusasa ebusuku kusebandleni likaMfowethu Outlaw. Libizwa ngeThe Name Of Jesus Church, ezansi ePhoenix. E. . .Unakho, yebo, mfowethu, yebo. UMfowethu Groomer lapha uzokumemezela. Kulungile.

³⁶² INkosi inibusise, ngize nginibone kusasa ebusuku. UNkulunkulu abe nani. 

UKWANELISEKA BESE UYASHISEKELA ZUL62-0118
(Convinced Then Concerned)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, noJanuwari 18, 1962, eFull Gospel Church eTempe, e-Arizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org